9 Kwabakhohlakeleyo-ke
Abangihluphayo
Kuzitha ezilengozi
Ezing'hanqileyo.

10 Bazingelezelwe kuwo
Amafutha abo
Ngomlomo wabo bayatsho
Okokuzigqaja.

11 Sebesihanqile manje
Thin' ekuhambeni
Bakhangele ngamehl' abo
Phansi bekhotheme.

12 Sangonyama ephangayo
Khon' ukudla kwayo
Ingonyam' entsh' iquthile
Endawen' ensitha.

13 Vuka Nkosi umdanise
Umwisele phansi
Khulula umphefum'lo wam'
Kom'bi, 'nkemba yakho.

14 Kubantu, abayisandla
Sakho, Nkos', kubantu
Bomhlab', osabelo sabo
Sikule impilo

Ogcwalisa izisu-ke
Zabo ngenoth' yakho
Ngenotho eligugu-ke
Efihlakeleyo

Bona bagcwel' abantwana
Njalo bayatshiya
Eyabo yona inotho
Kuzinsane zabo

15 Mina ngizabon' ubuso
Bakho ek'lungeni
Ngonele lapho ngivuka
Ngilesimo sakho.

## Isihlabelelo 18

*Kumqondisi wokuhlabelela. EsikaDavida, inceku yeNKOSI, eyakhuluma eNKOSIni amazwi alelihubo mhla iNKOSI imkhulula esandleni sezitha zakhe zonke lesandleni sikaSawuli. Wasesithi:*

1 Mina ngizakukuthanda
Wena oyiNkosi,
Yebo eyami yona-ke
Ungamandla ami.

2 INkos' ilidwala lami
Lay' inqaba yami,
INkosi ngumkhululi wam'
Lamandla awami.

Kuyo ngizathemba mina
Isihlangu sami
Lophondo losindiso lwam'
Inqaba yam' ende.

3 Ngizakubiza iNkosi
Efanel' udumo
Besengisindiswa kuzo
Ezami izitha.

4 Izinsizi ezokufa
Zangihanqa mina,
Amabutho ababi bo
Angesabisayo.

5 Izinsizi zesihogo
Zangizingeleza
Lemijibila yokufa
Yangivimbezela.

# Izihlabelelo zikaDavida

Free Presbyterian Church of Scotland
Zimbababwe Presbytery
9 Robertson Street, Parkview, Bulawayo, Zimbabwe
Tel. 09 62636 / 61902 / 62115
Email fpchurch@mweb.co.zw
Fax 09 61902

Kubhalwe ngo-2008

8 Ngiyibekile iNkosi
Njalo phambi kwami
Ngoba ingakwesokudla
Ngingenyikinyeke.

9 Ngakho inhliziyo yami
Ithab' ludumo lwam'
Inyama yami layo yo-
phumul' ethembeni.

10 Ungatshiyi umphefum'lo
Wam' esihogweni
Njal' ungavumel' oNgcwele
Wakh' abon' 'kubola.

11 Uzangibonisa yona
Indlela yempilo
Kubukho bakho kugcwele
Yona injabulo.

Kuso esakho isandla
Son' esokunene
Kukhona izinjabulo
Ezingapheliyo.

## Isihlabelelo 17

*Umkhuleko kaDavida.*

1 Zwana khona ukulunga
Nkosi ulalele
Kukho ukukhala kwami
Beka indlebe bo

Emithandazweni yami
Yona engaphumi
Kuzo izindebe zona
'Zigcwel' inkohliso.

2 Kasivele phambi kwakho
Isigwebo sami
Amehl' akho kawabone
Okulungileyo.

3 Usuyihlolile yona
Inhliziyo yami
Wangethekelela mina
Khona ebusuku.

Mina usungihlolile
Kawathola lutho
Ngizimisele-ke mina
Ngingoni ngomlomo.

4 Ngemisebenzi yabantu
Ngizigcinile m'na
Ngelizwi lendebe zakho
Endlelen' zomchithi.

5 Londa ukuhamba kwami
Kuzindlela zakho
Ukuz' amanyathelo am'
Angaz' atshelela.

6 Nkulunkulu ngakhal' kuwe
Ngoba uzangizwa
Bek' indlebe yakho kimi
Uzw' amazwi ami.

7 Tshengis' isihawu sakho
'Simangalisayo
Wen' osindisa ngesandla
Sakhe sokunene

Ngesandla esokunene
Labo abathemba
Kuwe uyabavikela
Kwabavukelayo.

8 Ngigcine sanhlamvu yalo
Elakho ilihlo
Ungifihle emthunzini
Wamaphiko akho.

7 Sengathi nga usindiso
LukaIsrayeli
Lungafika luvelela
Khona eZiyoni.

UJehova ebuyisa
Abathunjwa bakhe
Uzakuthab' uJakobe
Athab' 'Israyeli.

## Isihlabelelo 15 L.M.

*Isihlabelelo sikaDavida.*

1 O! Nkosi ngubani oza-
kuhlala endlini yakho?
Ngubani ozakwakha na
Entabeni yakh' engcwele?

2 Yen' ohamba ngobuqotho
Owenzayo ukulunga
Ekhuluma iqiniso
Kuyo inhliziyo yakhe.

3 Kahlebi ngalo ulimi
Akoni umakhelwane
Kaphakamisi ihlazo
Kuy' umakhelwane wakhe.

4 Kumehl' akhe uyenyanya
Umuntu ongalunganga
Kodwa uyabadumisa
Abayesabay' iNkosi.

5 Nxa yena esefungile
Loba kuzakumlimaza
Akaphenduki lakanye
Kanik' imali ngenzuzo.

Akemukeli isipho
Kuye ongelal' icala
Yena okwenzayo lokho
Kayikuzanyazanyiswa.

## Isihlabelelo 16

*IMikitami kaDavida.*

1 Ngilondoloze-ke mina
Nkulunkulu wami
Ngilibekile kuwena
Elami ithemba.

2 Usutshilo eNkosini,
UyiNkosi yami
Lokhukulunga okwami
Kakufiki kuwe

3 Kodwa kubangcwel' labahle
Abasemhlabeni
Kulapho ikhona yona
Eyam' injabulo.

4 Zizakwanda izinsizi
Zabo abaphanga
Abanye onkulunkulu.
Anginikeli-ke

Enathwayo eyegazi.
Angiyikuphatha
Wona amabizo abo
Ngezindebe zami.

5 INkosi iyisabelo
Selami ilifa
Lesenkezo yam'. Ulonda
Esam' isabelo.

6 Zingehlele izabelo
Endawen' ezinhle
Yebo ngilalo ilifa
Elilungileyo.

7 Ngizabonga iNkosi bo
Engiqondisayo
'Zinso zam' zingiqondisa
Khona ebusuku.



## Isihlabelelo 1

1 Uyabusiswa umuntu
Ongahambi ngalo
Icebo labo ababi
Lenhlanganwen' yabo.

Ongem' endleleni yabo
Abayiz' izoni,
Engahlal' esihlalweni
Esabagconayo.

2 Kodw' ukujabula kwakhe
Kukuwo umthetho
WeNkosi ewukhumbula
Emini leb'suku.

3 Uzaba njengesihlahla
'Simil' emfuleni
'Sithel' izithelo zaso
Ngesikhathi saso.

Amahlamvu aso wona
Awayikubuna,
Konke akwenzayo yena
Kuzaphumelela.

4 AbangelaNkulunkulu
Kabanjalo bona,
Kodwa banjengamakhoba
Amuka lomoya.

5 Kant' ababi kabasoze
Bem' ekwahluleni,
Lezoni emhlanganweni
Wabalungileyo.

6 Ngob' iNkosi iyayazi
Indlela yabo nje
Abalungileyo kodwa
Eyababi yofa.

## Isihlabelelo 2

1 Kungani abahedeni
Sebexokozela,
Labantu bekhumbula nje
Khona okuyize.

2 Amakhos' omhlaba ema
Lababusi benza,
Icebo ngayo iNkosi
Kuy' umgcotshwa wakhe.

3 Bethi asephule zona
Izibopho zabo,
Sizilahle kude lathi
Izintambo zabo.

4 Yena ohlez' ezulwini
Mpela uyohleka,
INkosi yona iyaku-
bahleka usulu.

5 Khona ezakubakhuza
Esethukuthele,
Abethuse ngokuvutha
Kwal' ulaka lwakhe.

6 Kodwa ngibekil' iNkosi
Yami eZiyoni,
Entabeni yami khona
Yona eyingcwele.

7 Ngizakwazis' isimiso
'Nkosi yangitshela,
Uyindodana yam' wena
Lamhla ngikuzele.

8 Cela kimi ifa lakho
Ngikuphe izizwe,
Lemikhawulo yomhlaba
Ibe 'mfuyo yakho.

9 Uzabephula ngentonga
Eyensimbi yona,
Ubaphahlaze njengalo
Udiwo lombumbi.

10 Ngakho-ke hlakaniphani
Lina makhos' onke,
Lina lonke abehluli
Bezwe lilayeke.

11 Ikhonzenini iNkosi
Ngokwesaba yona
Thokoza ngok'thuthumela
Khonzanin' iNkosi.

12 Yanganini iNdodana
Hlez' ithukuthele,
Litshabalal' endleleni
Laph' ithukuthela.

Lapho olwayo ulaka
Luvutha kancane,
Bayabusiswa labo-ke
Abathemba kuye.

## Isihlabelelo 3

*Isihlabelo sikaDavida, lapho ebalekela ubuso bukaAbisalomu indodana yakhe.*

1 Nkosi hay' ukwanda kwaba-
ngihluphayo mina!
Banengi kakhulu aba-
vukelana lami.

2 Banengi bona abathi
Kumphefum'lo wami:
Kakukho usizo lwakhe
Kuy' uNkulunkulu.

3 Kodwa wena Nkosi yami
Ulihawu lami
Lodumo lomphakamisi
Welami ikhanda.

4 Ngakhala kuyo iNkosi
Ngalo izwi lami,
Yangizwa isentabeni
Yayo eyingcwele.

5 Ngangilele ubuthongo
Ngabuya ngavuka,
Ngenxa yokuthi iNkosi
Yangilondoloza.

6 Angesab' inkulungwane
Ezilitshumi-ke
'Zabantu abayizitha
Abangihanqayo.

7 Vuka ngisindise Nkosi
Nkulunkulu wami,
Ngoba uzitshay' im'hlathi
Zonk' izitha zami.

Uwephulile-ke wona
Amazinyo abo
Bon' abantu abazonda
Yen' uNkulunkulu.

8 Usindiso ngolweNkosi
Ngolwayo kuphela,
Izibusiso phezulu
Kwabantu bakho qha.

## Isihlabelelo 4

*Kumqondisi wokuhlabelela. NgeNeginothi. Isihlabelelo sikaDavida.*

1 Ngilalele Nkosi yami
Uba ngikubiza,
Wena Nkulunkulu wami
Wokulunga kwami.



## Isihlabelelo 13

*Kumqondisi wokuhlabelela. Isihlabelelo sikaDavida.*

1 Wongikhohlwa kube nini?
O Nkosi phakade?
Koba nini Nkos' ufihla
'Buso bakho kimi?

2 Koba nini ngizindla na
Phakathi kowami
Umphefum'lo ngilusizi
Enhliz'yweni yami?

Kuzakuba nini sona
Isitha sami-ke
Siphakhanyisiwe khona
Ngaphezulu kwami?

3 Khumbula njalo ungizwe
Nkosi 'Nkulunkul' wam'
Khanyis' amehlo ngingabi
Lobuthong' bokufa.

4 Hlez' isitha sami sithi
Sengimehlulile
Bathabe abahluphayo
Ngizanyazanyiswe.

5 Kodwa ngithembile mina
Emuseni wakho
'Nhliziyo yam' ijabule
Kusindiso lwakho.

6 Sengizakuhlabelela
ENkosini yami
Ngokuba okuhle kwakhe
Uhlal' engenzela.

## Isihlabelelo 14

*Kumqondisi wokuhlabelela. EsikaDavida.*

1 Isiwula sesitshilo
Enhliz'yweni yaso
Ukuthi kakho sibili
Yen' uNkulunkulu.

Bonakele bona bonke
Benzile okubi
Njalo akukho loyedwa
Owenz' ukulunga.

2 INkosi isezulwini
Yakhangela phansi
Ebantwaneni babantu
Ukubon' ukuthi

Ngaba ukhona yini-ke
Ngitsho yen' oyedwa
Owaziyo njal' ofuna
UNkulunkulu bo.

3 Baphambukile bon' bonke
Bangcolile kanye
Owenz' okulungileyo
Akakho loyedwa.

4 'Benzi bobub' abazi na?
Abadl' abantu bam'
Njengalokhu bedl' isinkwa,
Kababiz' iNkosi.

5 Balokwesab' okukhulu
Ngob' uNkulunkulu
Usesizukulwaneni
Sabalungileyo.

6 Liliyangisil' icebo
Labo abayanga
Ngokuba iNkosi iyi-
siphephelo sabo.

Ukuze bathi-ke bona
Ngobuqili babo
Bamcibe olungileyo
Kunhliziyo yakhe.

3 Nxa kambe izisekelo
Zidilizwe zonke
Yikuthi bangenze njani
Abalungileyo?

4 INkos' iphakathi kwalo
'Thempel' elingcwele
Isihlalo say' iNkosi
Sisemazulwini.

Amehl' ayo ayabona
Inkophe zihlole
Inzalo yabantu bonke
Ayiqedisise.

5 INkos' ilinga ongcwele
Kodwa umphefum'lo
Wakhe uzonda omubi
Othanda umsindo.

6 Kuzoni wothel' umlilo
Sibabul' siphepho
Lokhu koba yisabelo
Seyabo inkezo.

7 Ngob' iNkos' elungileyo
Ithand' ukulunga
Ubuso bayo bubuka
Yen' oqondileyo.

## Isihlabelelo 12

*Kumqondisi wokuhlabelela. NgeSheminithi. Isihlabelelo sikaDavida.*

1 Siza Nkosi uyaphela
Umnt' olungileyo
Lothembekileyo kuyo
Inzalo yabantu.

2 Umuntu lomakhelwane
Bakhuluma ize
Ngolim' olulalisayo
Ngenhliziyombili.

3 INkosi iyakuquma
'Ndeb' elalisayo
Lolimi olukhuluma
'Zinto ezinkulu.

4 Labo abathe: Ngolimi
Lwethu sizanqoba,
Indebe lezi ngezethu,
Inguban' iNkosi?

5 Ngokuhlutshwa kwabampofu
Lok'bubula kwabo
Abasweleyo, khathesi
Mina ngizavuka.

Itsho iNkosi ukuthi
Ngizammisa yena
Enqabeni kuyena o-
zikhukhumezayo.

6 'Mazw' eNkosi mahle njenge-
siliva ehlolwe
Ezikweni law' umlilo
'Cengwe kas'khombisa.

7 Uzakubagcina Nkosi
Ubalondoloze
Kulesisizukulwana
Ngokungapheliyo.

8 Izikhohlakali zona
Zihamb' inxa zonke,
Lapha ababi abantu
Bephakanyisiwe.



Wangivuselela mina
Nxa ngangidanile
Ngihawukele uwuzwe
Umthandazo wami.

2 Lina madodan' abantu
Koze kube nini,
Liphendul' udumo lwami
Lilwenza ihlazo.

Koze kube nini lina
Lithanda ubuze
Njalo lidinga amanga
Kokuphela njalo.

3 Kodwa yazini ukuthi
INkos' ikhethile
Olungileyo. Yongizwa
Nxa ngibiza kuyo.

4 Yimani lithuthumele
Lingoni lizindle,
Ngenhliziyo embhedeni
Lithule lithi zwi.

5 Nikelan' iminikelo
Yakho ukulunga,
Libeke ithemba lenu
Ngakuyo iNkosi.

6 Baneng' abathi: Ngubani
Os'bonis' okuhle?
Nkosi khanyisa ubuso
Bakho phezu kwethu.

7 Ufakile ukuthaba
Kweyam' inhliziyo
Okwedlula iwayini
Lamabele abo.

8 Ngizalala ngokuthula
Ngilal' ubuthongo,
Ngoba wena Nkosi yami
Ungilondoloza.

## Isihlabelelo 5

*Kumqondisi wokuhlabelela. NgeNehilothi. Isihlabelelo sikaDavida.*

1 Zwana 'mazwi ami Nkosi
Njalo yemukela,
Yon' imikhumbulo yami
Lezizindlo zami.

2 Ulalele elizwini
Lokukhala kwami,
Nkulunkulu Nkosi yami
Ngothandaza kuwe.

3 Ilizwi lami ye Nkosi
Wena uzalizwa
Khona ekuseni mpela
Wolizwa bo Nkosi.

Ekuseni ngowukhomba
Ngakuw' umthandazo
Owami ngawuthandaza
Ngibheke phezulu.

4 Ngoba wena kawusuye
UNkulunkulu bo
Othand' okubi, omubi
Kay'kuhlala lawe.

5 Iziwula kazisoze
Zime phambi kwakho,
Uyazonda bonk' abenza
Okungalungile.

6 Uzabhubhis' abaqamba
Amanga, o Nkosi
Umbulali lomkhohlisi
Wen' uyabenyanya.

7 Kodwa mina ngizangena
Kuyo indlu yakho
Ngakho ukwanda okwaso
Isihawu sakho.

Ekwesabeni okwakho
Ngizakukukhonza
Ngikhangel' ethempelini
Lakho elingcwele

8 Nkosi ngenxa yezitha zam'
Ngikhokhela ngoku-
lunga kwakho uyenze i-
qond' indlela yakho.

9 Ngoba emlonyeni wazo
Kakulathembeko,
Lakho ngaphakathi kwazo
Zigcwele ububi.

Umphimbo wazo lingcwaba
Elivuliweyo
Ziyakhohlisa impela
Ngal' ulimi lwazo.

10 Zibhubhise zona wena
OnguNkulunkulu
Yenza ziwele kuwona
Amacebo azo.

Ziphosele phandle ngenxa
Yezeduko zazo
Ngokuba zikuvukele
Wena isibili.

11 Kabathabe bonke labo
Abakuthembayo
Bajabule bamemeze
Ngayo intokozo.

Ngoba uyabavikela
Abalithandayo
Ibizo lakho impela
Bajabule kuwe.

12 Ngoba wena Nkosi uya-
busis' olung'leyo
Wena umhanqa ngomusa
Njengesihlangu bo.

## Isihlabelelo 6 L.M.

*Kumqondisi wokuhlabelela. NgeNeginothi, ngeSheminithi. Isihlabelelo sikaDavida.*

1 O Nkosi ungangisoli
Nxa wena uthukuthele,
Ungangitshayi ngolaka
Olwakho nxa seluvutha.

2 Ngihawukele o Nkosi
Ngoba ngibuthakathaka,
Ngelapha Nkosi ngokuba
Amathamb' athuthumele.

3 Lomphefum'lo wami wona
Uhluphekile kakhulu,
Kodwa wena Nkulunkulu
Hawu Nkosi koba nini?

4 Buya Nkosi ungisize
Hlenga umphefum'lo wami,
O ngisindisa bo ngenxa
Yawo won' umusa wakho.

5 Ngoba ekufeni khona
Akukho ukukhumbula,
Elibeni ngubani na
Ozakubonga wena na?



7 Umlomo wakhe ugcwele
'Nhlamba lenkohliso
Lobuqili phans' kolimi
Kulobubi leze.

8 Uhlez' ikusithekeni
Kundawo zemizi
Ukuze ababulale
Abangelamlandu.

Amehlo akh' akhangele
Ngobubi umyanga
Emqthele sangonyama
Ebhalwini lwayo.

9 Umquthele ukumbamba
Qotho uyambamba
Ompofu uyambamba nje
Embuleni lakhe.

10 Uhahab' azithobise
Ukuze ompofu
Awiswe yilabo bakhe
Abalaw' amandla.

11 Uthe enhliz'yweni yakhe
INkos' ikhohliwe
Ifihlil' ubuso bayo
Kasoz' ikubone.

12 Nkosi vuka Nkulunkulu
Phakamis' isandla
Sakho ungakhohlwa yibo
Abachumileyo.

13 Yin' omubi edelela
'Nkulunkulu ethi
Kunhliziyo yakhe yena,
Kawuyikufuna.

14 Usukubonile khona
Ngoba uyabona
Umona layo inzondo
Wokuphindisela

Ngesandla sakho. Umyanga
Woziletha kuwe.
Wena ungumsizi wazo
Zona intandane.

15 Yephul' ingalo yomubi
Lay' ongalungile
Ding' inkohlakalo yakhe
Uz' ungayitholi.

16 UJehova uyiNkosi
Emiyo phakade
Baphelil' abahedeni
Elizweni lakhe.

17 Nkosi uzwil' ukufisa
Kwabamnene, uza-
lungis' inhliziyo yabo,
Wenz' indleb' yakh' izwe.

18 Ukugweba intandane
Labahlutshiweyo
Khon' umuntu owomhlaba
Angaphind' ahluphe.

## Isihlabelelo 11

*Kumqondisi wokuhlabelela. EsikaDavida.*

1 Ngithembela eNkosini,
Ngani lithi: Phapha
Sanyon' entabeni yenu,
Kumphefum'lo wami?

2 Ngob' ababi bakhombela
Ngemitshoko yabo
Beyilungisa phezulu
Kwezintambo zayo.

13 Woba lesihawu kimi
Nkosi ukhangele
Zon' izinhlupheko zami
Zabangizondayo.

Wen' ongiphakamisayo
Emnyango yokufa
Ukuze ngizwakalise
Indumiso yakho.

14 Emasangweni entombi
EyaseZiyoni
Ngizakuthokoza kulo
Usindiso lwakho.

15 Izizwe zitshone kuwo
'Mgod' eziwenzile
Zabanjwa ngumgibinyawo
Abawufihlayo.

16 INkosi iyazwakala
Ngokugweba kwayo
Isigangi sibanjiwe
'Msebenzini waso.

17 Ababi bazaphoselwa
Khon' esihogweni
Futhi izizwe zonk' ezi-
khohlw' uNkulunkulu.

18 Ngoba abayanga aba-
soze balitshalwa
Ithemba labaswelayo
Aliyikubhubha.

19 Vuka Nkosi ungavumi
Umuntu ehlule
Kazehlulelwe izizwe
Khona phambi kwakho.

20 Uzesabise-ke Nkosi
Zon' izizwe zonke
Ukuze zizazi zinga-
bantukazana nje.

## Isihlabelelo 10

1 Umeleni khatshana bo
O Nkosi yini na?
Ucatshelan' ezikhathin'
Zokuhlupheka na?

2 Ekuzindleni komubi
Uhlupha ompofu
Kababanjwe kumacebo
Abawacebile.

3 Omub' uyazibula nge-
zifis' enhliz'yweni
Ubusisa olomhawu
Onengwa yiNkosi.

4 Omubi ngokuziqhenya
Akading' iNkosi
INkosi kayikho kuyo
Im'khumbulo yakhe.

5 Izindlela zakhe zona
Zicunula njalo
Izigwebo zakho, belo,
Zikhatshana laye.

Zingaphezulu kwamehlo
Akhe kaziboni
Uyaziklolodela bo
Zonk' izitha zakhe.

6 Uth' enhliziyweni yakhe
Angiyikususwa
Ngoba ngingasoze ngibe
Khon' ebunzimeni.



6 Ngidiniwe mina ngakho
Ukububul' ebusuku,
Ngimanzisile umbheda
Wami ngazo inyembezi.

7 Ilihlo lami lidliwe
Lusizi lwami impela,
Lona liyaguga ngazo
Zonke zon' izitha zami.

8 Sukani kimi lina bo
Abasebenzi bobubi,
Ngoba iNkosi izwile
Ilizwi lokulila kwam'.

9 INkosi isikuzwile
Ukuncenga kwami khona,
INkosi isemukela
Wona umthandazo wami.

10 Zonk' izitha zam' kazibe
Lezinhloni zihlupheke,
Kazibuyele ngenhloni
Zidane ngokuphangisa.

## Isihlabelelo 7

*IShigayoni kaDavida, ayihlabelela iNKOSI, ngamazwi kaKushi umBenjamini.*

1 Nkosi Nkulunkulu wami
Ngithembela kuwe,
Kubo abangihluphayo
Ngihleng' ungisize.

2 Hlez' ahlephul' umphefum'lo
Wami sangonyama
Ewenz' iziqa kungekho
Ongikhululayo.

3 Nkosi Nkulunkulu wami
Uba ngenze lokhu
Uba kukhona okubi
Ezandleni zami.

4 Uba ngimphindisel' 'kubi
Obengalwi lami
Yebo mina ngimkhulule
Olwa lami ngeze.

5 Yenza ukuthi isitha
Sami siwuhluphe
Umphefum'lo wami wona
Njalo siwuthathe.

Yebo yenz' anyathelele
Phans' impilo yami
Abeke phansi udumo
Lwami othulini.

6 Vuka Nkosi ulolaka
Ziphakamise bo
Ngenxa yal' ulaka lwazo
Zon' izitha zami.

7 Ngakh' umhlangano wabantu
Uzakukuhanqa
Ngenxa yabo buya wena
Khonale phezulu.

8 INkosi yogweba 'bantu
Ngiqondise Nkosi
Ngokulunga lobuqotho
Obukhona kimi.

9 Bona ububi bababi
Abuphele mpela
Kodwa ubamise labo
Abalungileyo.

Nkulunkul' olungileyo
Uyazihlola bo
Izinhliziyo zona bo
Njalo laz' izinso.

10 KuNkulunkul' inqaba yam'
Wena ohlengayo
Labo abaqondileyo
Enhliz'yweni yabo.

11 'Nkulunkul' uyabagweba
Abalungileyo
INkos' izondel' ababi
Izinsuku zonke.

12 Nxa yena engaphenduki
Uzalol' inkemba,
Ugobisile umtshoko
Uwulungisile.

13 Njalo usemlungisele
'Zikhali zokufa,
Uqondisa imitshoko
Yakhe kubahluphi.

14 Khangela uyahelelwa
Yibubi umithi,
Usekhulelwe ngokona
Wazala amanga.

15 Uwenzile won' umgodi
Wawugebha yena,
Usewele emgelweni
Awugebhileyo.

16 Ububi bakhe behlele
Khon' ekhanda lakhe,
Lesihluku simehlele
Khon' ekhanda lakhe.

17 Ngizadumisa iNkosi
Ngokulunga kwayo,
Ngihlabelele igama
Lakh' oPhezukonke.

## Isihlabelelo 8

*Kumqondisi wokuhlabelela. NgeGithithi. Isihlabelelo sikaDavida.*

1 O Nkosi o Nkosi yethu
Hay' ubuhle balo,
Lona elakho ibizo
Emhlabeni wonke!

Wena ulumisile bo
Olwakho udumo
Ngaphezulu kwawo wona
Amazulu wonke.

2 Emlonyeni wezingane
Njalo lowalabo
Abamunyayo wena u-
sumise amandla.

Ngenxa yezakho izitha
Ukuze wena-ke
Uthulise son' isitha
Lay' umphindiseli.

3 Nxa ngikhangel' amazulu
Umsebenzi wayo
Iminwe yakho, umise
'Nyanga lenkanyezi.

4 Umuntu ubeyini na
Ukuth' umkhumbule?
Lendodana yakh' umuntu
Ukuyihambela?

5 Umenzile wasilela
Kancane kulazo
Ingilosi, umthwese nge-
nkazim'lo lodumo.



6 Wamenza wabusa phezu
Kwem'sebenz' yezandla,
Konke wakubeka phansi
Kwezinyawo zakhe.

7 Zonk' izimvu lezinkomo
Yebo lazo zonke
Izinyamazana zonke
Ezasehlathini.

8 Izinyoni zemoyeni
Lenhlanzi zolwandle
Lakho konke 'kudlulayo
Kundlela zolwandle.

9 O Nkosi o Nkosi yethu
Hay' ubuhle balo,
Lona elakho ibizo
Emhlabeni wonke!

## Isihlabelelo 9

*Kumqondisi wokuhlabelela. NgeMuthi-labheni. Isihlabelelo sikaDavida.*

1 Ngizakubong' Nkosi ngayo
'Nhliziyo yam' yonke,
Ngitshengise yonke yakho
'Msebenz' esimanga.

2 Ngizathaba ngijabule
Kuwe ngihlabele
Indumiso ebizweni
Lakh' oPhezukonke.

3 Nxa abayizitha zami
Bebuyel' emuva
Bayakuwa 'babhubhele
'Bukhoneni bakho.

4 Ngoba wena umisile
Ilungelo lami
Wahlala esihlalweni
Ugweba ngok'qonda.

5 Wakhuza abahedeni
Wabulal' ababi
Wachitha ibizo labo
Lingaze laziwa.

6 Sitha! kuphelile konke
Ukuchithakala
Uyichithile imizi
Lokwaziwa kwayo.

7 Kodw' iNkosi izahlala
Ngokungapheliyo
Ulungisil' isihlalo
Sayo sokugweba.

8 INkos' iyokwehlulela
Ngokulunga izwe
Izakutheth' amacala
Abo ngeqiniso.

9 INkosi yoba yinqaba
Eyabahlutshwayo
Isiphephelo ngensuku
Ezokuhlupheka.

10 Abazi ibizo lakho
Bazathemba kuwe
Ngoba Nkos' awutshiyanga
Abakufunayo.

11 Hlabelani eNkosini
Ehlez' eZiyoni
Limemezel' ebantwini
Ezakhe izenzo.

12 Lapho ebuza ngegazi
Uyabakhumbula
Kakakhohlwa ukukhala
Kwabachumileyo.

7 Nkosi, ngakh' umusa wakho
Umis' intaba yam'
Yaqina, wafihl' ubuso
Bakho, ngahlupheka.

8 Ngikhalile kuwe Nkosi,
Njalo ngakuyona
Sengenzile isicelo
Sami eNkosini.

9 Kulenzuzo bani lapho
Egazini lami
Nxa ngingena khona kulo
Igodi phansi na?

Luzakukudumisa na
Lona lolothuli?
Lutshumayele ngalo na
Iqiniso lakho?

10 Zwana Nkosi, njalo ube
Lesihawu kimi,
Nkosi, woba nguye lowo
Ongumsizi wami.

11 Usukuguqule khona
Ukulila kwami
Wakwenza kwaba yikho nje
Khona ukusina.

Wangikhupha izigqoko
Zawo amasaka,
Wasungembathisa ngayo
Yona intokozo.

12 Ukuze udumo lwami
Lukuhlabelele
Zona indumiso kuwe
Njalo lungathuli.

Nkosi, Nkulunkulu wami,
Ngizakukunika
Ukubongwa kuze kube
Lasephakadeni.

## Isihlabelelo 31

*Kumqondisi wokuhlabelela. Isihlabelelo sikaDavida.*

1 Kuwe Nkosi ngiyathemba,
Ngingabi lanhloni,
Kawungikhulule wena
Ngokulunga kwakho.

2 Thob' indlebe yakho kimi,
Ngihleng' ngokutshetsha,
Ube 'dwal' eliqinile,
'Ndlu yosindiso lwam'.

3 Ngob' ulidwala elingi-
vikelayo, ngakho
Ngenxa yelakho ibizo
Ngihol' ngiqondise.

4 Ngixakulul' embuleni
'Bangithiye ngalo
Ensitha njengokubana
Ungamandla ami.

5 Kusandla sakho nginika
Umoya wami nje,
Ungihlengile, o Nkosi
Thixo weqiniso.

6 Ngizondile abananza
Amanga ayize,
Kodwa mina ngiyathemba
Khona eNkosini.

7 Ngizathaba, ngithokoze
Kusihawu sakho,
Ngokuba ucabangile
Usizi lwami-ke.



6 Kuzo izinhlupho zami
Ngabiza iNkosi
Futhi ngakhalela kuye
'Nkulunkulu wami.

Wasizw' isililo sami
Kwelakh' ithempeli
Kweza khona phambi kwakhe
Lendlebeni zakhe.

7 Wazamazama umhlaba
Ezisekelweni
Zamaqaqa zanyikinywa
Ngob' ethukuthele.

8 Kwathunq' inthuthu iphuma
Emakhalen' akhe,
Lomlil' emlonyeni wakhe
Kwavuth' amalahle.

9 Wakhothamis' amazulu
Wehla phansi yena,
Kwaba mnyama langaphansi
Kwezinyawo zakhe.

10 Njalo wagad' ikherubi
Wabuye waphapha,
Yebo waphapha ngempiko
Ezawo umoya.

11 Wacatsha ebunyameni
Wembatha amanzi,
Amnyama lawo amafu
Phezul' ezulwini.

12 Kukhanya phambili kwakhe
Amafu anzima
Akhe adlul' isiqhotho
Lamalahl' omlilo.

13 'Nkosi yadum' ezulwini
Yavez' izwi layo,
Laba yisiqhotho mpela
Lamalahl' omlilo.

14 Yaphosa im'tshoko yayo
Yabachithachitha,
Yahlaba ngembane yayo
Njalo yabaxotsha.

15 Khona kwabonakaliswa
Im'thombo yamanzi,
Lezisekelo zomhlaba
Zasibukululwa.

Zavulwa ngokuzikhuza
Kwakho wena Nkosi,
Ngokufutha komoya nje
Wamakhala akho.

16 Yathuma isezulwini
Yasingihluthuna,
Yangikhupha emanzini
Wona amanengi.

17 Yangisindis' esitheni
'Sith' esilamandla
Lakub' abangizondayo.
Ababengehlula.

18 Banginqabela ngosuku
Lwenkathazo yami
Kodwa uJehova waba
Yinsika yami nje.

19 Wangileth' obala yena
Endawen' ebanzi,
Wangikhulula ngokuba
Wathokoza kimi.

20 INkosi ingivuzile
Ngokulunga kwami
Langokuhlanzeka kwazo
Ezami izandla.

21 Ngoba mina ngigcinile
Indlela zeNkosi,
Angimukanga kuMlimu
Wami ngakh' okubi.

22 Ngoba izehlulo zakhe
Zikho phambi kwami,
Angilahlang' izimiso
Zakhe phambi kwami.

23 Njalo ngangiqondile mpo
Khona phambi kwakhe,
Ngazigcina ngingoni nje
Kub' ububi bami.

24 Ngokulunga kwami 'Nkosi
Ibuyisele kim'
Ngokuhlanzeka kwezandla
Emehlweni ayo.

25 Kuye lowo olomusa,
Wobonis' umusa,
Kuy' umuntu yen' oqotho
Wokhanya uqotho.

26 Woz'bonakalisa kubo
'Bahlanzekileyo,
Kuye ophambukileyo
Uphambukile-ke.

27 Ngoba uzabasindisa
'Bantu 'bahlutshwayo,
Kanti uyawathobisa
'Mehlo azidlayo.

28 Wokhanyis' isibane sam'
'Nkosi 'Thixo wami,
Uzakhanyisa kubona
Ubunyama bami.

29 Ngawe sengigijimile
Phakathi kwebutho,
NgeNkosi yami ngeqile
Phezulu komduli.

30 Iqondil' indlela yayo
'Nkosi, izwi layo
Lihloliwe, ilihawu
Kwabathemba kuyo.

31 Ngubani uNkulunkulu
Ngaphandle kweNkosi,
Kumbe nguban' olidwala
Ngaphandle kweNkosi.

32 KunguNkulunkulu onge-
mbathisa ngamandla,
Owenza indlela yami
Yona iphelele.

33 Wenz' inyawo zami zibe
Njengezezimpala,
Wangimisa endaweni
Zam' eziphezulu.

34 Ufundis' izandla zami
Ukulwa kuthi-ke
Izingalo zam' zephule
Idandil' lethusi.

35 Uyangipha isihlangu
Solwakh' usindiso
Lesandla sok'nene sakho
Siyangisekela.



4 Izwi leNkosi lilawo
Amandl' amakhulu,
Ilizwi leNkosi lilo-
dumo olukhulu

5 Izwi leNkosi lephula
Imisedare, ye,
'Nkosi yephul' im'sedare
EseLebanoni.

6 Iyayenza iqolotshe
Njengalo ithole,
ILebanon' leSiriyon'
Sathole lenyathi.

7 Ilizwi leNkosi lona
Liyehlukanisa
Wona amalangabi-ke
Awawo umlilo.

8 Izwi leNkosi liyayi-
nyikiny' inkangala
INkosi lay' inyikinya
EyaseKadeshi.

9 Ilizwi leNkosi lenza
Impala zizale,
Lihlubula amahlathi
Elayo ilizwi.

Ethempelini elayo
Bonke bon' abantu
Bakhulume ngal' udumo
Olwayo iNkosi.

10 INkosi ihlezi phezu
Kwempophoma, yebo,
INkos' ihlezi ibusa
Kub' ephakadeni.

11 INkosi izakunika
Amandl' ebantwini,
Ibusis' abantu bayo
Ngokuthula kwayo.

## Isihlabelelo 30

*Isihlabelelo. Ingoma yokwehlukaniswa kwendlu kaDavida.*

1 Ngizakudumisa Nkosi
Ngoba wena usu-
ngiphakamisile njalo
Wenz' izitha zami

2 Zingajabuli phezu kwam'
Nkosi Mlimu wami
Ngikhalile khona kuwe,
Ungisilisile.

3 Nkos' ukhuphile owami
'Mphefum'l' engcwabeni,
Ungigcinile ngiphila,
Ngingatshon' kumgodi.

4 Hlabelelan' eNkosini
Lina ngcwele zayo,
Libonge ngokukhunjulwa
Kobungcwele bayo.

5 Ngob' ulaka lwayo lumi
Kodw' isikhatshana,
Khona emuseni wayo
Kukhona impilo.

Ukulila kuyahlala
Okobusuku nje,
Kodwa kuz' ukujabula
Khona ekuseni.

6 Njalo kikho khona uku-
phumelela kwami
Ngitsholo ukuthi angi-
soze nginyikinywe.

## Isihlabelelo 28

*EsikaDavida.*

1 Ngizakhala kuwe Nkosi
Wena dwala lami,
Ungavali izindlebe
Zakho zona kimi

Hlezi nxa uthule mina
Ngifanane labo
Abawayo nxa besiya
Phansi emgodini.

2 Zwana izwi lokuncenga
Nxa ngikhala kuwe,
Nxa ngiphakamis' izandla
Kundawo engcwele.

3 Ungaze wangidonsa-ke
Lezikhohlakali,
Kanye labenzi bobubi
Betsho ukuthula

Kubo-ke omakhelwane
Abangababo bo,
Kodwa ububi bukhona
Kwezab' inhliziyo.

4 Baphe njengezenzo zabo
Njengenkohlakalo
Eyemizamo yabo bo
Banike-ke bona.

Baphe ngokwemisebenzi
Eyezandla zabo
Ubanike khona lokho
'Kubafaneleyo.

5 Kabanak' imisebenzi
YeNkosi lokwenza
Kwezandla zayo, bochithwa
Bona bangakhiwa.

6 Kayibusiswe iNkosi
Ngoba ilizwile,
Lona-ke ilizwi lakho
Ukuncenga kwami.

7 INkos' ingamandla ami
Lelami ihawu,
Yona inhliziyo yami
Ithembela kuyo.

Njalo-ke sengisiziwe,
Lenhliziyo yami
Iyathokoza kakhulu
Ngohlabela kuyo.

8 INkos' ingamandla abo
Njalo ingamandla
Awakho ukusindisa
Ogcotshiwe wayo.

9 Sindisa abantu bakho
Ubusise ifa
Lakho, ubondle bona bo
Ubaphakamise.

## Isihlabelelo 29

*Isihlabelelo sikaDavida.*

1 Nikanin' iNkos' udumo
Lin' elilamandla,
Nikanin' iNkos' udumo
Njalo law' amandla.

2 Nikanin' iNkos' udumo
Lufanel' ibizo
Layo, likhonze iNkosi
Kubuhl' obungcwele.

3 Izwi leNkosi liphezu
Kwamanzi lomdumo
INkosi ikhona phezu
Kwamanz' amakhulu.



Labo ubumnene bakho
Bungenzile bona
Mina ngaba nguy' omkhulu
Ngobumnene bakho.

36 Wena uzikhulisile
Izinyathelo zam'
Phansi kwezinyawo zami
Kazitshelelanga.

37 Ngixotshil' izitha zami
Ngazifumanisa,
Angibuyelanga futhi
Ngingaziqedanga.

38 Ngazilimaza-ke zona
Kazisavukanga,
Ziwile ngaphansi zona
Kwezinyawo zami.

39 Ngoba ungembathisile
Ngamandla empini
Uthobisile ngaphansi
'Bangivukelayo.

40 Unginike izintamo
Ezezitha zami
Ngize ngibachithe bonke
Abangizondayo.

41 Bakhala kodwa engekho
Ozabasindisa,
Ngitsho lakuyo iNkosi
Kayiphendulanga.

42 Ngabagaya njengothuli
Luqhutshwa ngumoya,
Ngabatsahaza nje bona
Sadaka lwendlela.

43 Ungikhululile mina
Kuzo zona lezo
Inkani zabo abantu
Wena ungenzile

Inhloko yabahedeni.
Bona labobantu
Engingazange ngibazi
Bazakungikhonza.

44 Bangavele bezwe ngami
Bazakulalela,
Abezizwe bazithobe
Bona phambi kwami.

45 Zona zonke izihambi
Ziyakubuna nya,
Zesabe zona kakhulu
Kundawo zensitha.

46 Iphilile yon' iNkosi
Libusisw' idwala
Lam' iNkosi yosindiso
Kayiphakanyiswe.

47 KunguNkulunkulu yena
'Ngiphindiselayo,
Onqoba izizwe zonke
Zibe phansi kwami.

48 Ungikhulul' ezitheni
Ezami-ke futhi
Usungiphakamisile
Ngaphezulu kwabo

Abangivukelayo m'na.
Usungikhulule
Kubo abantu bolaka
Ungikhululile.

49 Ngakho ngokubonga Nkosi
Phakathi kwezizwe,
Ngihubel' ibizo lakho
Ngizakukubonga.

50 Ukhululo olukhulu
Uluph' inkos' yakhe,
Njalo uyasitshengisa
Sona isihawu.

Kowakhe ogcotshiweyo
Yena uDavida
Kweyakhe yona inzalo
Kube nininini.

## Isihlabelelo 19

*Kumqondisi wokuhlabelela. Isihlabelelo sikaDavida.*

1 Amazulu atshengisa
Udumo lweNkosi,
Lomkhathi uyabonisa
Umsebenzi wayo.

2 Usuku lutshel' olunye
Lobusuku labo
Butshengisa lon' ulwazi
Kobuny' ubusuku.

3 Akukho-ke inkulumo
Awakho lamazwi
Lapho izwi labo linga-
sezwakali khona.

4 Inhlokomo yabo yona
Iphumile futhi
Isiphumel' emhlabeni
Emhlabeni wonke.

Lamazwi abo afika
'Mkhawulwen' womhlaba,
Umise phakathi kwawo
Idumba lelanga.

5 Elinjengomyen' ephuma
Kuyo indlu yakhe,
Lithokoza njengeqhawe
Ligijim' umjaho.

6 Ukuhamba kwakhe khona
Sekuphumele-ke,
Ekucineni kwezulu
Yen' uhamba njalo.

Emaphethelweni alo
Akulalutho nje
Olufihliweyo kukho
Ukutshisa kwalo.

7 Oway' iNkosi umthetho
Wona uphelele,
Yiwo wona ophendula
Wona umphefum'lo.

Ubufakazi beNkosi
Buqinisekile,
Bona buhlakaniphisa
Yen' ongelalwazi.

8 EyeNkosi imilayo
Yonke ilungile,
Njalo iyajabulisa
Yona inhliziyo.

Owakhe uNkulunkulu
Wona-ke umthetho
Uhlanzekile njalo-ke
Ukhanyis' amehlo.

9 Ukuyesaba iNkosi
Mpela kucwebile,
Njalo-ke kuhlala kuze
Kube laphakade.



4 Kunye engikufisayo
ENkosini, lokhu
Ngizadinga ukuhlala
Endlini yeNkosi.

Ngensuku zonk' zempilo yam'
Ukubon' ubuhle
BeNkosi ngibuze ngise-
thempelini layo.

5 Ngoba ngaso isikhathi
Salo uhlupho bo,
Yona izakungifihla
Kwelayo idumba.

Kuy' insitha yendlu yayo
Izakungifihla,
Izakungibeka phezu
Kwalo idwala-ke.

6 Lakhathes' ikhanda lami
Lizaphakanyiswa
Phezulu kwezitha zami
'Zingihanqileyo.

'Thenteni layo ngoy'nika
'M'hlatshel' yentokozo.
Ngihlabelele ngihube
'Zibongo zeNkosi.

7 Zwana-ke, o Nkosi yami
Lapha ngikhalayo
Ngezwi lami, ube lom'sa
Kim' ungiphendule.

8 Lapho usutshilo: Dinga
Ubuso obami.
Inhliziyo yami yathi:
Ngizakubudinga.

9 Ungaze wangifihlela
Obakho ubuso,
Ungayilahli inceku
Yakho olakeni.

Ubunguy' umsizi wami
Ungangiyekeli
Ungangitshiy' Nkulunkulu
Wosindiso lwami.

10 Lapho ubaba lomama
Bengitshiya mina,
Kuzakuth' iNkosi yami
Izangemukela.

11 Ngifundis' indlela yakho
Nkosi, ngikhokhele
Endlelen' eqondileyo
Ngenxa yezitha zam'.

12 Ungaze wanginikela
Entandweni yazo
Entandweni yezitha zam'
Zon' izitha zami.

Abafakazi bamanga
Sebengivukele,
Labo abaphefumula
Sona isihluku.

13 Ngabe ngadela-ke uba
Ngingakholw' ukuthi,
Ngabon' ubuhle beNkosi
'Zwen' labaphilayo.

14 Lindela kuyo iNkosi
Woba lesibindi,
Yoqinisa inhliziyo
Yakho, lind' iNkosi.

2 Ngihlolisise o Nkosi
Njalo ungilinge,
Uhlolisise izinso
Lenhliziyo yami.

3 Ngoba owakho umusa
Ukhona phambili
Kwamehlo ami, ngihambe
Ngeqiniso lakho.

4 Kangihlalanga lababi
Abantu kanjalo,
Kangihambanga labo nje
Abazenzisayo.

5 Ngilizondile ibandla
Labenza okubi,
Njalo angiyikuhlala
Labaxhwalileyo.

6 Ngizagez' izandla zami
Ngoba sengimsulwa,
Ngizazingelez' ilathi
Elakho o Nkosi.

7 Ukuze ngifakaze nge-
lizwi lokubonga,
Ngikhuluma ngazo zonke
'Zimangalis' zakho.

8 Nkosi ngiyathand' inhlalo
Yayo indlu yakho,
Lalaph' okuhlala khona
Inhlonipho yakho.

9 Kawungabuth' umphefum'lo
Wami laz' izoni,
Labo kuy' impilo yami
Labantu begazi.

10 Ngakuzo izandla zabo
Kukhona ububi,
Kwezokunene kugcwele
'Nzuzo yenkohliso.

11 Kodwa mina ngizahamba
Ebuqothweni bam',
Ngihlenge-ke futhi ube
Lesihawu kimi.

12 Unyawo lwami lumile
Ebutshelezini,
Ngizabusisa iNkosi
Ngisemabandleni.

## Isihlabelelo 27

*EsikaDavida.*

1 INkosi iyikukhanya
Kwami losindiso
Lwami. Njalo-ke ngubani
Engizamesaba?

Inkosi yon' ingamandla
Awempilo yami,
Ngubani yini engiza-
kumesaba yena?

2 Nxa zon' izikhohlakali
Lazo izitha zam'
Lalabo abayizitha
Beza phezu kwami.

Ukuze bona bayidle
Yona inyama yam',
Bona-ke bayakhubeka
Bawele phansi bo.

3 Lob' ibutho ling'hanqile
Kangiyikwesaba,
Lob' impi ingivukele
Kulokhu ngothemba.



Izahlulelo zeNkosi
Ziqinisekile,
Impela zigezekile
Zilungile zonke.

10 Ziloyiseka kakhulu
'Kudlul' igolide,
Igolide elinengi
'Licengekileyo.

Zimnandi okudlulayo
Zona izinyosi
Njalo futhi izinyosi
Zon' ezilenhlanga.

11 Kanti eyakho inceku
Ilayiwe ngazo
Ekuzigcineni kwazo
Kulomvuz' omkhulu.

12 Ngubani na ozaziyo
'Ziphambeko zakhe?
Ngihlambululeke mina
Kwim'landu yensitha.

13 Gcin' inceku yakho kuzo
Ezokuzincoma,
Kazingabi lamandla bo
Khona phezu kwami.

Ngakho ngizakuba lakho
Khona ukuqonda,
Ngibe msulwa ecaleni
Lokon' okukhulu.

14 Kungathi wona amazwi
Awomlomo wami,
Kunye lazo izizindlo
Zenhliziyo yami

Zemukelwe phambi kwakho
Kuwe Nkosi yami,
Wena ungamandla ami
Lay' umhlengi wami.

## Isihlabelelo 20

*Kumqondisi wokuhlabelela. Isihlabelelo sikaDavida.*

1 'Nkosi kayikulalele
Ngosuku lohlupho
'Bizo leNkos' kaJakobe
Kalikuvikele.

2 Kayikuthumel' usizo
Luvel' kwezingcwele
Akuqinise ngamandla
Avel' eZiyoni.

3 Akukhumbule-ke yonke
Yakho im'nikelo
Njalo kakuwemukele
'Mhlatshelo wokutsha.

4 Manje ake akunike
Okumayelana
Layo inhliziyo yakho,
'Kenz' icebo lakho.

5 Siyakuthokoza kulo
Usindiso lwakho
Njalo ebizweni lika-
Nkulunkulu wethu

Sizamis' iziboniso
Ezingezethu bo.
INkosi izagcwalisa
Izicelo zakho.

6 Khathesi ngiyazi mina
Ukuthi iNkosi
Isindis' umgcotshwa wayo
Izakuzwa yena

Isezulwini elayo
Lona elingcwele
Ngamandla asindisayo
'Sandla sokunene.

7 Abanye bathemb' inqola
Lamabhiza kodwa
Thina sokhumbul' ibizo
LeNkosi uThixo.

8 Bayabuyiselwa phansi
Njalo sebewile
Kodwa thina sivusiwe
Futhi simi nje mpo.

9 Ake usisize Nkosi,
Kungathi inkosi
Njalo kayisilalele
Lapho sibizayo.

## Isihlabelelo 21

*Kumqondisi wokuhlabelela. Isihlabelelo sikaDavida.*

1 Inkosi izathokoza
Emandleni akho,
Nkosi kusindiso lwakho
Yothaba kakhulu.

2 Umnike izifiso ze-
yakhe inhliziyo
Kawumncitshang' isicelo
Sendebe yakhe bo.

3 Umvikel' ngezibusiso
Zakho ukulunga
Ubekil' ekhanda lakhe
'Mqhele wegolide.

4 Wacela kuwe impilo
Wena wasumupha
Ngitsho lobude bensuku
Ngokungapheliyo.

5 Lukhulu udumo lwakhe
Kusindiso lwakho
Inhlonipho lobukhosi
Ubeke phez' kwakhe.

6 Ngob' umenze wambusisa
Ngokungapheliyo
Wamthokozisa kakhulu
Ngobakho ubuso.

7 Ngoba yona le inkosi
Ithemb' eNkosini
Ngaw' umusa woPhezulu
Kasoz' anyikinywa.

8 Isandla sakh' sizathola
Zonk' izitha zakho
'Sokunene sofumana
Abakuzondayo.

9 Wena wobenza babenje-
ngeziko lomlilo
Nges'khathi solaka lwakhe
'Nkosi yobaginya.

Ikuye intukuthelo
Njalo-ke umlilo
Wothi wona ubaqede
Du bona bonke bo.

10 Wochith' izithelo zabo
Khona emhlabeni
Leyabo yona inzalo
Kubantwan' babantu.

11 Ngokuba bazimisela
Okubi ngakuwe
Baceb' amaceb' amabi
Bengelakuwenza.



9 Abamnene bona
Izabaqondisa
Ekwahluleni, lendlela
Yay' ibafundise.

10 Indlela zeNkosi
Ngum'sa leqiniso
Kwabagcin' uvumelwano
Lemilayo yayo.

11 Ngokwebizo lakho
Nkosi uxolele
Isiphambeko sami-ke
Ngokuba sikhulu.

12 Ngubani na yena
Owesab' iNkosi?
Yiyo ezakumfundisa
'Ndlel' ayikhethayo.

13 Umphefum'lo wakhe
Wohlal' uchelese,
Layo eyakhe inzalo
Yofuya ilizwe.

14 Imfihlo yeNkosi
'Kwabayesabayo,
Njalo izabatshengisa
Isivumelwano.

15 Amehl' am' ahlezi
Ebhek' eNkosini
Ngob' ihlwith' inyawo zami
Khona embuleni.

16 Phendukela kimi
Ungihawukele
Ngokuba ngilesizungu
Ngihluphekile m'na.

17 Inhlupho ezayo
Inhliziyo yami
Zandile, ngikhuphe mina
Kunhlupheko zami.

18 Bona uhlupho lwam'
Lobuhlungu bami
Njalo uzixolele-ke
Zonk' izono zami.

19 Khangel' izitha zam'
Ngoba zinengi bo
Ziyangizonda mina-ke
Ngenzondo yolunya.

20 Lond' umphefum'lo wam'
Njal' ungikhulule
Ngingabi lanhloni ngoba
Ngithembele kuwe.

21 Akuth' ubuqotho
Lakho ukuqonda
Ngilonde bo ngoba mina
Ngilindele kuwe.

22 Nkulunkulu mhlenge
Yen' uIsrayeli
O Nkosi kuzo zonke bo
Izinhlupho zakhe.

## Isihlabelelo 26

*EsikaDavida.*

1 Ngahlulele wena Nkosi
Ngoba ngihambile
Kubo ubuqotho bami
Njalo ngithembile

Kuyo yon' iNkosi yami
Ngenxa yakho lokhu
Mina angisoze ngibe
Ngisatshelela bo.

7 Phakam'san' inhloko zenu
Lina amasango,
Phakanyiswani minyango
Yasephakadeni.

Ukuze ingen' iNkosi
Yokukhazimula.
Ingubani iNkosi le
Yokukhazimula?

8 Yiyo iNkos' elamandla
Impel' ilamandla,
YiNkosi elobuqhawe
Khona kuyo impi.

9 Phakam'san' inhloko zenu,
Lina amasango,
Yebo liyiphakamise
M'nyango yaphakade.

10 Ke izangena iNkosi
Yokukhazimula.
Ingubani iNkosi le
Yokukhazimula?

INkosi eyamabandla
Iyiyo iNkosi
Iyiyo iNkosi yona
Yokukhazimula.

## Isihlabelelo 25 S.M.

*EsikaDavida.*

1 Kuwe wena Nkosi
Ngiphakamisela
Umphefum'lo wami kuwe
Ngiwuphakamise.

2 Nkosi ngikuthemba
Kangingayangeki,
Zinganqobi phezu kwami
Izitha ezami.

3 Abakulindayo
Kabangayangeki,
Abonayo ngamabomu
Kababe lenhloni.

4 Ngitshengise Nkosi
Izindlela zakho,
Ngifundise imikhondo
Yakho Nkosi yami.

5 Kawungikhokhele
Mina-ke ngakulo
Lona iqiniso lakho
Njalo ngifundise.

Ngoba uyiNkosi
Yosindiso lwami,
Kuwe ngizakulindela
Kulo lonk' usuku.

6 Khumbula bo Nkosi
Isihawu sakho
Lobubele bakho ngoba
Busuka phakade.

7 Ungazikhumbuli
'Zono zobutsha bam',
Leziphambeko ezami.
Ngaw' umusa wakho

Ngikhumbule mina.
Ngenxa yokulunga
Okwakho kuphela Nkosi
Ungikhumbule nje.

8 Ilungil' iNkosi
Iqondile yona,
Ngakho izakufundisa
Izoni ngendlela.



12 Wobenza bafulathele
Nxa usulungisa
Imitshok' ezintanjeni
Iqondiswe kubo.

13 Kawuphakanyiswe Nkosi
Emandleni akho,
Sohlabela sidumise
Awakho amandla.

## Isihlabelelo 22 L.M.

*Kumqondisi wokuhlabelela. Ngempala yokusa. Isihlabelelo sikaDavida.*

1 Thixo wami, Thixo wami,
Yini na ungitshiyile
Ukude lokungisiza
Lamazwi okukhala kwam'?

2 Thixo wami ngiyakhala
Emini kodw' awungizwa
Lesikhathin' sebusuku
Angilakho ukuthula

3 Kodwa uyingcwele wena
O wena ohleziyo bo
Kuzo izibongo zakhe
Yena uIsrayeli bo.

4 Obaba bethu bathemba
Kuwe, bathemba wena bo
Waze wena waba nguye
Obakhululayo bonke.

5 Bakhala khona kuwena
Njalo bona bakhululwa,
Bathembela ngakuwena
Abazange bayangiswe.

6 Kodwa ngingumswenya mina
Futhi angisuy' umuntu,
Ngilihlazo ebantwini
Bayangidelela bonke.

7 Bonke abangibonayo
Bayangihleka usulu,
Batubhul' umlomo; bani-
kina amakhanda bethi:

8 Wayethemba eNkosini
Ethi yayizamkhulula,
Kayimkhulule sibone
Njengobana yayimthanda.

9 Kodwa wena unguye lo
Owangikhuph' esiswini,
Wangenza ngathemba ngise-
kuw' amabele kamama.

10 Ngalahlelwa ngakuwena
Kusukel' esizalweni,
UnguNkulunkulu wami
Kwasesiswin' sikamama.

11 Ungabi khatshana lami
Ngob' uhlupho luseduze,
Ngoba akakho yena-ke
Olakho ukungisiza.

12 Izinkunzi ezinengi
Sezingihanqile mina
ZeBashan' ezilamandla
Sezingigombolozele.

13 Zakhamisela ngakimi
Imilomo yazo njenge-
siphangayo laso esi-
bhongayo-ke isilwane.

14 Ngithululwe njengamanzi
Amathamb' am' ahlukene
'Nhliziyo yam' okwengcino
Incibilikile kimi.

15 'Mandl' am' ome sadengezi
'Limi lwam' lunamathele
'Mihlathin', ungilethile
Min' ethulini lokufa.

16 Ngob' izinja zing'hanqile,
'Nhlangano yababi ingi-
valele; bangibhoboza
Izandla lenyawo zami.

17 Amathambo ami wona
Ngingawabala ngalinye,
Bangikhangele kakhulu
Basebengijolozela.

18 Babelana ngezingubo
Zami omunye lomunye,
Benz' inkatho ngezembatho
Zami bancintisana bo.

19 Kodwa kawungabi kude
Lami-ke wena o Nkosi
Omandl' ami, phangisa bo
Ukuzangisiza mina.

20 Khulul' umphefum'lo wami
Kuyo yona-ke inkemba,
Isithandwa sami kuwo
Amandla awayo inja.

21 Ngisindise emlonyeni
Owaso-ke isilwane
Ngoba wena ungizwile
Empondweni zezinyathi.

22 Ngizamemezel' ibizo
Elakho kubafowethu
Phakathi kwalo ibandla
Ngizakukubonga wena.

23 Lin' abesaba iNkosi
Ibongeni lonke nzalo
KaJakobe liyesabe
Lonke nzalo ka'Srayeli.

24 Kadelanga kenyanyanga
Inhlupho yohluphekayo
Kafihlang' ubuso bakhe
Kodwa wezwakala kuye.

25 Ukubongwa kwami koba
Ngaw' ebandlen' elikhulu
Ngokhokhela izifungo
Phambi kwabamesabayo.

26 Abamnene bodla njalo
Basuthe babong' iNkosi
'Bay'dingayo; inhliziyo
Yenu yophila phakade.

27 Yonk' imikhawulo yezwe
Yokhumbula ibuyele
KwiNkosi lezizwe zonke
Zizakhonza phambi kwakho.

28 Ngokuba umbuso wona
Ungowayo iNkosi le,
Iyiyo le engumbusi
Phakathi kwezizwe zonke.

29 Bonk' abakhulupheleyo
Emhlabeni bazakudla
Kanjalo bazakukhonza
Bonke abay' ethulini.

Bazakhothama phambili
Kwakhe yena, njalo kakho
Ongaphilisa owakhe
Umphefum'lo ngokuthanda.

30 Inzalo izakumkhonza
Njalo izakubalelwa
Ngakuyo iNkosi yona
Kuso isizukulwana.



31 Bazafika bafakaze
Khona ukulunga kwayo
Kubantu abazazalwa
Ukuthi yenzile lokhu.

## Isihlabelelo 23

*Isihlabelelo sikaDavida.*

1 Umalusi wam' iNkosi
Angiyikuswela,
Emadlelwen' aluhlaza
Iyangilalisa.

2 Ngasemanzin' okuphum'la
Iyangiholela,
Ibuye ivuselele
Umphefum'lo wami

3 Endleleni zokulunga
Iyangiholela
Akungenxa yami, kodwa
Ngal' ibizo layo.

4 Loba ngisuke ngihambe
Kuso isigodi,
Ethunzini lakh' ukufa
Angesab' okubi.

Ngokuba wena ulami
Lay' intonga yakho,
Lalo udondolo lwakho
Ziyangiduduza.

5 Wendlal' itafula lami
Phambi kwezitha zam',
Ugcobil' ikhanda lami
'Nkezo yam' igcwele.

6 Impel' okuhle lomusa
Kuzangilandela
Kuzo zonke izinsuku
Ezempilo yami.

Njalo sengizakuhlala
Phakathi kway' indlu,
Kuyo engeyay' iNkosi
Kub' ephakadeni.

## Isihlabelelo 24

*Isihlabelelo sikaDavida.*

1 Umhlaba ungoweNkosi
Lokugcwala kwawo,
Izwe lonke labo aba-
hlezi kulo lonke.

2 Ngokuba wawusekela
Phezu kwezinlwandle,
Wawumisa yena phezu
Kwazo impophoma.

3 Nguban' ozakwenyukela
Entaben' yeNkosi?
Ngubani ozakumana
'Ndawen' yay' engcwele?

4 Nguyen' olezandla zakhe
Ezigeziweyo,
Yena onhliziyo yakhe
Ehlanzekileyo.

Ngongaphakam'sang' owakhe
'Mphefum'l' ezenini,
Ongazange njal' afunge
Ngokuyinkohliso.

5 Uzakwem'kel' 'zibusiso
'Zivel' eNkosini,
Lokulunga kuNkulunkul'
Wosindiso lwakhe.

6 Yilesisizukulwana
Sabamdingayo bo,
Abading' ubuso bakho
O wena Jakobe.

6 Umhlatshelo lomnikelo
Wena kawufisi,
Izindlebe zami zona
Wen' uzivulile.

Umnikelo otshiswayo
Wena kawufuni
Lomnikelo owesono
Wena kawufuni.

7 Ngakho ngathi: Akubone
Ngiyafika mina,
Kuwo umqulu wogwalo
Kulotshiwe ngami.

8 Ngithokoza ngokuyenza
Intando yakho nje,
Nkosi yam', umthetho wakho
Usenhliz'ywen' yami.

9 Ngitshumayel' ukulunga
'Mhlanganwen' omkhulu,
Angibambanga indebe,
Nkosi uyakwazi.

10 Angifihlanga okwakho
'Kulung' enhliz'yweni,
Ngakhuluma uthembeko
Losindiso lwakho.

Angifihlanga uthando
Law' umusa wakho,
Njalo leqiniso lakho
Kumhlangan' omkhulu.

11 Ungabuval' ububele
Bakho Nkosi kimi,
Iqiniso lom'sa wakho
Kungilonde njalo.

12 Ngob' ubub' obungebalwe
Sebungiphahlile,
Zangibamb' izono zami
Angibhek' phezulu.

Zinengi kulezinwele
Zal' ikhanda lami,
Ngakho inhliziyo yami
Ingehlule mina.

13 Ake uthande o Nkosi
Ukungikhulula
Nkosi ake uphangise
Ukusiza mina.

14 Kababe lenhloni njalo
Badunyazwe kanye
Abafisel' umphefum'lo
Wam' ukuwuchitha.

Abaxotshelwe emuva
Babe lamahloni
Bona abangifisela
Khona okubi bo.

15 Kabachitheke bo ngenxa
Yezinhloni zabo
Abatshoyo khona kimi
Bethi: Aha! Aha!

16 Kakuthi bona bonke nje
Abadinga wena
Bathokoze, njalo-ke ba-
jabule kuwena.

Kuthi labo abathanda
Olwakh' usindiso,
Baphikelele ukuthi:
Yinkulu iNkosi!



Wena usuwazile bo
Owami wona nje
Umphefum'lo uphakathi
Kwayo inkathazo.

8 Kawungivalelanga bo
Kusandla sesitha,
Umisil' inyawo zami
Kundawo ebanzi.

9 Ngihawukele o Nkosi,
Ngikulo uhlupho,
Usizi lungidl' ilihlo,
Lomoya lesisu.

10 Impilo yami ichithwa
Kusizi-ke njalo
Iminyaka yami layo
Ekububuleni.

Amandl' ami ayaphela
Ngenxa yazo izi-
phambeko ezami, lawo
'Mathambo aphela.

11 Ngaba yinhlekisa kuzo
Izitha zam' zonke,
Langokukhethekileyo
Kubomakhelwane.

Njalo ngabesaba labo
Abazana lami,
Abangibonayo endle
Bangibalekela.

12 Ngilitshelwe engqondweni
Samunt' ofileyo,
Ngiyafanana lesitsha
Esephuliweyo.

13 Ngokuba sengikuzwile
Ukuhleb' kwenengi,
Ukwesaba kwangihanqa
Inhlangothi zonke.

Lapho benza amacebo
Amelana lami,
Beceba ukuyisusa
Yon' impilo yami.

14 Kodwa mina ngathembela
Kuwe wena Nkosi,
Njalo ngangisithi: Wena
'NguNkulunkulu wam'.

15 Izikhathi zami zikho
Esandleni sakho,
Ngikhulule esandleni
Esezitha zami

16 Lakwabangizingelayo.
Khanyisa ubuso
Bakh' encekwini uhlenge
Mina ngom'sa wakho.

17 Kangingayangeki Nkosi,
Ngibizile wena,
Kabayangeke ababi
Bathul' engcwabeni.

18 Kazithuliswe indebe
'Zikhulum' amanga,
Ziziqhenya ngokweyisa
Yen' olungileyo.

19 Hay' ubukhulu bobuhle
Bakh', obubekele,
Ubekele bona labo
Abakwesabayo,

Khona okulungisele
Wakusebenzela
Abathembela ngakuwe
Kunzalo yabantu!

20 Uzabafihla ensitha
Yobukhona bakho,
Kukuzigqaja kwabantu.
Uzakubalonda

Uzabagcina ngasese
Edumbeni lakho
Kukho ukuphikisana
Kwazo izindimi.

21 Kayibusiswe iNkosi,
Engibonisile
Um'sa way' oyisimanga
Kumuz' oyinqaba.

22 Ngokuba ngitshilo kukho
'Kuphangisa kwami,
Ngiqunyiwe phambi kwawo
Won' amehlo akho.

Kodwa-ke ulizwile nje
Lonk' ilizwi lami
Lakho ukuncenga kwami
Nxa ngikhala kuwe.

23 O, thandanini iNkosi
Lonk' bangcwele bayo.
Ngokuba yona iNkosi
Iyalondoloza

Bona abathembekayo.
Iyaphindisela
Bona abazigqajayo
Kakhulukazi bo.

24 Woba lesibindi ngoba
Yen' uzaqinisa
Inhliziyo yenu lina
Bathemb' eNkosini.

## Isihlabelelo 32

*EsikaDavida. Masikhili.*

1 Um'ntu low' uyabusiswa
Oxolelwe konke
Ukuphambeka lesono
Sisibekelwe du.

2 Uyadel' umunt' iNkosi
Engambalelanga
Ubub' emoyeni wakhe
Akalabuqili.

3 Ekuthuleni kwami zwi
Agug' amathambo
Ami ngokubhonga kwami
Usuku lonke nje.

4 Emini lasebusuku
Esakho isandla
Sibe nzima phezu kwami.
Ubumanzi bami

Sebuguquliwe baba
Njengakho khona-ke
Ukoma okwalo lona
Ihlobo lelo bo.

5 Ngasivum' isono sami
Kuwe, lab' ububi
Angibufihlanga kuwe
Ekusithekeni.

Ngathi: Ngizavum' kuNkosi
'Ziphambeko zami
Waxolel' ububi baso
Esami isono.



10 Susa ukutshaya kwakho
Khona phezu kwami,
Sengidliwe yikutshaywa
Kwesakho isandla.

11 Nxa ulungisa umuntu
Ngokulaya kwakho
Ngenxa yesiphambeko-ke
Ubuhle obakhe

Ubutshabalalisa du
Njengal' ivevane
Ngeqiniso wonk' umuntu
Ulize impela.

12 Zwana umthandazo wami
O Nkosi lalela
Ukukhala lem'nyembezi
Kawungathuli bo.

Ngoba ngingowasemzini
Kuwe lesihambi
Njengabo bonke obaba
Bona babe njalo.

13 Ngiyekele-ke ngizuze
Amandla phambili
Kokuthi ngisuke lapha
Ngingasabi khona.

## Isihlabelelo 40

*Kumqondisi wokuhlabelela. Isihlabelelo sikaDavida.*

1 Ngalindela eNkosini
Ngokubekezela,
Yazithobela ngakimi
Yezw' ukukhala kwam'.

2 Yangikhupha emgodini
Owesabekayo,
Exhaphozini lodaka
Yona yangikhupha.

Edwaleni yazimisa
Izinyawo zami,
Yabuye yaziqinisa
Izinyathelo zam'.

3 'Ngoma entsha yayibeka
Emlonyeni wami,
Lay' indumiso kuyena
'Nkulunkulu wethu.

'Banengi bazakubona
'Banengi besabe,
Njalo bathembele kuyo
Ke yona iNkosi.

4 Lowomunt' ubusisiwe
Oyenzayo yona
INkosi, ibe yilona
Elakhe ithemba.

Ongahloniphiyo bona
'Bazigwabisayo
Labo abaphendukela
Kuwona amanga.

5 Minengi Nkosi Thixo wam',
Im'sebenzi yakho
Yona emangalisayo
Uyenzile wena

Lay' imikhumbulo yakho
Yon' eqonde thina
Ayingebalwe-ke kuwe
Ngokulandelana.

Nxa ngingayitshumayela
Ngikhulume ngayo
Iyedlula ukuthi-ke
Ingabalwa yona.

19 Izitha zam' ziphilile
Futhi zilamandla,
Labangizondayo ngeze
Bona sebandile.

20 Ababuyisel' ububi
Endawen' yobuhle
Bayizitha zami, ngoba
Ngilandel' okuhle.

21 O ungaze wangitshiya
Wena Nkosi yami
Nkulunkulu wam' ungabi
Khatshana lami bo.

22 Ungabi khatshana lami
Ukuz' ungisize,
Njalo phangisa o Nkosi
Yosindiso lwami.

## Isihlabelelo 39

*Kumqondisi wokuhlabelela. KuJeduthuni. Isihlabelelo sikaDavida.*

1 Ngathi: Ngizananzelela
Izindlela zami
Ukuze ngingoni ngalo
Lon' ulimi lwami.

Ngizalond' umlomo wami
Ngesayeke kuwo
Lapho ababi bekhona
Yebo phambi kwami.

2 Ngathula-ke ngathi cwaka
Ngazithulela nje
Lekulungeni, usizi
Lwami lwavuka bo.

3 Inhliziyo yam' phakathi
Yatshisa, lomlilo
Watshisa ngisanakana,
Ngatsho ngolimi lwam':

4 Nkosi ngazis' isiphetho
Lezinsuku zami
Ukuze ngiqedisise
'Buthakathaka bam'.

5 Khangel' wenzile insuku
Zami zalingana
Lobubanzi besandla bo
Leminyaka yami

Kayis' into phambi kwakho.
Mpela wonk' umuntu
Kubungcono bakh' uyize
Ngokupheleleyo.

6 Impela wonke umuntu
Uhambela ize
Sibili kachelesanga
Kungelasizatho.

Uyabuthelel' imfuyo
Ize ib' enengi
Kodwa engazi ukuthi
Yobuthwa ngubani.

7 Manje-ke khathesi Nkosi
Ngisalindeleni?
Lona ithemba elami
Lingakuwe wedwa.

8 Ngisindise kuzo zonke
'Ziphambeko zami,
Ungangenzi inhlekisa
Yeziphukuphuku.

9 Ngaba yisimungulu nje,
Kangavul' umlomo
Ngenxa yokuthi-ke wena
Ukwenzile lokhu.



6 Ngakho-ke bonke abale-
Nkosi bothandaza
Kuwe ngesikhathi onga-
tholakala ngaso.

Mpela esikhukhuleni
Samanz' amanengi
Kawasoz' afinyelele
Khona duze laye.

7 Wena uyindawo yami
Yokucatsha njalo
Uzakungilondoloza
Kuzo inhlupheko.

Wena uzakungihanqa
Inhlangothi zonke
Ngazo izingoma zayo
Inkululo; yebo.

8 Ngizakulay' ngifundise
Indlela ozayi-
hamba wena, ngikuhole
Ngelami ilihlo.

9 Ungabi njengal' ibhiza,
Layo imbongolo,
Zona-ke ezingelakho
Ukuqondisisa.

Emlonyeni ziletomu
Ezibanjwa ngalo,
Hlezi zisondele khona
Eduzane lawe.

10 Insiz' ezinengi ziza
Kuzikhohlakali
Othembele eNkosini
Wohanqwa ngumusa.

11 Thokozani eNkosini
Abalungileyo,
Lijabule lina aba-
qoth' enhliziyweni.

## Isihlabelelo 33

1 Thokozani eNkosini,
Lina balung'leyo,
Ngoba khona ukubonga
Kufanel' oqotho.

2 Bongan' iNkosi ngechacho,
Hlabela ngogubhu,
Langechacho elentambo
Ezilitshumi-ke.

3 Yihlabeleleni yona
Ihubo elitsha,
Tshayanini kuhle lenze
Umsindo omkhulu.

4 Ngoba ilizwi leNkosi
Phela liqondile,
Yonk' eyayo im'sebenzi
Yenz'wa ngeqiniso.

5 Iyathanda ukulunga
Lakho ukwahlula,
Umhlaba ugcwele ngakho
'Kulunga kweNkosi.

6 Ngalo ilizwi leNkosi
Amazul' enziwe
Ngomoya womlomo wayo
Kwadalwa konkana.

7 Ibuthel' amanz' olwandle
Wonke njengenqwaba,
Iyabekel' ukutshona
Kuzo iziphala.

8 Kakuthi wonke umhlaba
Wesabe iNkosi,
Abahlez' ezweni bonke
Bame bay'hloniphe.

9 Ngoba yona yakhuluma,
Khona kwenzakala,
Yatsho owayo umlayo,
Kwema kwaqina nko.

10 INkos' icitha icebo
Elabahedeni,
Yenz' amacebo abantu
Angaphumeleli.

11 Icebo leNkosi lima
Kub' ephakadeni,
Lem'khumbulo yenhliziyo
Kuzizukulwana.

12 Siyadel' isizwe esi-
loThix' oyiNkosi,
Abant' ebakhethileyo
Babe 'lifa layo.

13 INkosi bo ikhangele
Isemazulwini
Iyabon' amadodana
Awabantu wonke.

14 Ikundawo yokuhlala
Ikhangela phezu
Kwabo bonke abahlali
Bawo won' umhlaba.

15 Iyazenza inhliziyo
Zabo zifanane,
Iyanakana-ke yonke
Im'sebenzi yabo.

16 Kayikh' inkos' esindiswa
Ngobunengi bempi,
'Siqhwaga asikhululwa
Izahlulelo zakhe zi-
semhlabeni wonke.

8 Wokhumbul' uvumelwano
Lwakhe kokuphela
Alulay' kunkulungwane
Zezizukulwana.

9 'Sivumelwano asenza
Laye uAbraham'
Lesifungo asifunga
Kuye uIsaka.

10 Saqiniswa kuJakobe
Sangumlayo kuye
Ku'Srayel', esaphakade
Isivumelwano.

11 Esithi: Ngizakunika
Izwe leKhanani
Libe ngelakho ilifa
Lesabelo sakho.

12 Lapho babe balutshwana
Abantu bakhona,
Yebo babe balutshwana
Abahamba kilo.

13 Basuk' isizwe lesinye
Imhlotshana yonke,
Lemibuso ngemibuso
Lakwabany' abantu.

14 Kavumanga ukoniwa
Kwenziwe ngumuntu
Kibo, yebo wawasola
Amakhosi ngabo.

15 Wathi: Lingabobathinta
Engibagcobile
Abami, lingoni labo
'Baprofethi bami.

16 Wehlisela yon' indlala
Elizweni lonke
Wephula yona insika
Yempil' eyisinkwa.

17 Wathumela phambi kwabo
Umunt' uJosefa,
Owathengiswayo khona
Abe yisigqili.

18 Bamlimaza izinyawo
Zakhe ngezibopho,
Bambopha ngamaketane
Wona awensimbi.

19 Kwaze kwafik' isikhathi
Sokuza kwelizwi
Layo, ilizwi leNkosi
Lamlinga yena bo.

20 Inkosi yathumel' izwi
Ukub' akhululwe,
Yena umbusi wabantu
Wahle wamkhulula.

21 Yamenza waba yinduna
Yendlu engeyayo,
Abuse imfuyo yayo
Yonke okwempela.

22 Ukuboph' amakhosana
Ngokuthanda kwakhe
Afundise izikhulu
Zay' inhlakanipho.



9 Ngoba uyenzil' iNkosi,
Eyinqaba yami,
Yen' oPhezukonke, indlu
Yakho yokuhlala.

10 Ububi-ke abusoze
Bukwehlele wena
Lohluph' aluy'kusondela
Endlini eyakho.

11 Ngob' uzalaya ezakhe
Ingilosi ngawe
Ukukulonda kuzo zonk'
Indlela ezakho.

12 Zizakuphatha ngezandla
Zazo hlezi wena
Ukhubeke elitsheni
Ngonyawo olwakho.

13 Uzagxoba isilwane
'Nyoka, 'silwanyana
Lodrago uzamugxoba
Phansi kwezinyawo.

14 Ngoba yen' ungithandile
Ngakho ngizamhlenga
Ngimbeke phezulu ngoba
Waz' ibizo lami.

15 Uzakungibiza mina
Ngizakumphendula
Ngibe laye enhlutsheni
Ngimhleng' ngimhloniphe.

16 Ngobude obezinsuku
Ngizakumsuthisa.
Ngimubonise olwami
Usindiso lonke.

## Isihlabelelo 92

*Isihlabelelo, ingoma, okwelanga lesabatha.*

1 Kuyint' enhle ukubonga
Yona-ke iNkosi
Lokudumisa ibizo
Lakh', oPhezukonke.

2 Utshengis' umusa wakho
Khona ekuseni
Lokwakho ukuthembeka
Kubusuku bonke.

3 Ngechacho elilentambo
Ezilitshumi bo
Logubhu law' umqangala
Otsho ngokuzotha.

4 Ngokuba wena Jehova
Ungenz' ngathokoza
Ngizanqoba ngem'sebenzi
Yezakho izandla.

5 Nkosi mikhulu kangaka
Im'sebenzi yakho
Leyakho imikhumbulo
Itshone kakhulu.

6 Um'nt' onjengenyamazana
Akakwazi lokhu
Asiqedisisi lokhu
Isithutha futhi.

7 Nxa abakhohlakeleyo
Behlum' okotshani
Nxa bonke abenz' okubi
Bephumelela nje

8 Kungenxa yokuthi baza-
bhujiswa phakade.
Kodwa wena Nkos' uphezu
Konk' ephakadeni.

9 Ngoba bona Nkos' izitha
Zakho zizabhubha
Bonk' abasebenz' bobubi
Bazahlakazeka.

10 Waphakamisa uphondo
Lwami njengenyathi,
Mina ngizagcotshwa ngawo
Amafuth' amatsha.

11 Lelihlo lami lizabon'
Isifiso sami
Ezitheni zami njalo
Laz' indlebe zami

Zizakuzwa isifiso
Sami ngab' ababi
Bona abavukelayo
Bephikisana lam'.

12 Olungileyo wohluma
Njengalo ilala
Akhule njengesedari
Khon' eLebanoni.

13 Labo abahlanyelwayo
Endlini yeNkosi
Bazakhul' emagumeni
KaNkulunkul' wethu.

14 Bazabe belokhu bona
Bethel' izithelo
Ebudaleni bakhule
Njalo bazimuke.

15 Ukubonisa ukuthi
INkos' iqondile
Ulidwala lami njalo
Kakulabub' kuyo.



## Isihlabelelo 93

1 Yon' iNkosi iyabusa
Yembeth' ubukhosi
INkosi izembesile
Ngawo won' amandla

Lapha yena esembese.
Lalo lon' ilizwe
Limisiwe alingeze
Lizanyazanyiswe.

2 Esakho son' isihlalo
Esab' ubukhosi
Samiswa khona kudala.
Wena uphakade.

3 O Nkosi, izikhukhula
Seziphakamile,
Liphakem' izwi, amanzi
'Phakam' amavinqo.

4 INkosi ephakemeyo
Ilamandla kulo-
dumo lwamanz' amanengi,
Amavinq' olwandle.

5 Nkosi, imfundiso zakho
Liqiniso mpela
Ubungcwele bufanele
Indlu yakho njalo.

## Isihlabelelo 94

1 Nkosi wena Nkulunkulu
Wokuphindisela,
Nkosi yokuphindisela,
Bonakal' ukhanye.



26 Zihamba kul' izikepe
Loleviyathani
Owamenzela ukuthi
Adlale phakathi.

27 Kuwe zonke zikhangele
Ukuze uziphe
Ngesikhath' esifanele
Okwazo ukudla.

28 Uyazipha, ziyabutha.
Uvula esakho
Isandla, zigcwaliseke
Ngokulungileyo.

29 Usitha ubuso bakho
Ziyakhathazeka
Usus' umoya ziyafa
Zibuyel' othulin'.

30 Uthuma umoya wakho
Zibe sezidalwa
Ubenza butsha ubuso
Bawo won' umhlaba.

31 Udumo lweNkosi luza-
kuma njalo njalo,
Izathokoza iNkosi
Kwim'sebenzi yayo.

32 Ikhangela kuw' umhlaba
Uhluthuthumele
Ithinta won' amaqaqa
Abese ethunqa.

33 Ngizahlabel' eNkosini
Ngisengophilayo
Ngidumis' uThixo wami
Lapho ngisekhona.



34 Kuzaba mnandi okwami
Khon' ukumkhumbula
Ngizakujabula kuyo
Eyami iNkosi.

35 Kaziqedwe emhlabeni
Izoni lababi.
Bong' iNkosi mphefum'lo wam'
Dumisan' iNkosi.

## Isihlabelelo 105

1 O! yibongeni iNkosi
Bizani ibizo
Layo lazise izenzo
Zayo ebantwini.

2 Liy'hlabelel' amahubo
Khuluman' izenzo
Lemisebenzi eyayo
Emangalisayo.

3 Lizikhulise ngebizo
Layo elingcwele
Lijabulis' inhliziyo
Yabading' iNkosi.

4 Dingani uNkulunkulu
Law' amandla akhe
Lidinge ubuso bakhe
Kube njalo njalo.

5 Khumbulan' imisebenzi
Yakh' eyisimanga
Izimanga lezahlulo
Ezomlomo wakhe.

6 Lina nzalo kaAbraham',
Isisebenz' sakhe,
Bantwana bakaJakobe
Abakhethwa bakhe.

12 Phansi kwayo izinyoni
Ezalo izulu
Zilezindlu zazo, ziya-
hlabel' engatsheni.

13 Uthelela amaqaqa
Esendlini yakhe
Umhlab' usuth' ngesithelo
Sem'sebenzi yakho.

14 Ukhulisela inkomo
Bona utshani bo
Njalo layo imibhida
Esenzel' abantu

Ukuze yena alethe
Khona-ke ukudla
Ukuze kuzekuphuma
Khona emhlabeni.

15 Lalo iwayini lelo
'Lithokozisayo
Inhliziyo eyomuntu
Njalo lamafutha

Wona awenza ubuso
Bukhanye obala
Lesinkwa esiqinisa
'Nhliziyo yomuntu.

16 Izihlahla zay' iNkosi
Zigcwele ukudla
Ihlanyel' amasedari
Khon' eLebanoni.

17 Lapho inyoni zakhela
Khona izidleke
Indlu yengabuzane yi-
sihlahla sefiri.

18 Won' amaqaqa amade
Zinqaba zembuzi
Zasendle law' amadwala
Azo izimbila.

19 Inyanga yayimisela
Zona izikhathi,
Ilanga lalo liyazi
Ukutshona kwalo.

20 Iyenza bon' ubunyama
Bube yibusuku,
Kuphuma ngabo izilo
Zawo won' umhlaba.

21 Zon' izilwane ezintsha
Zibonel' okwazo
Ukudla zifun' inyama
Yaz' kuNkulunkulu.

22 Ilanga-ke liyaphuma
Lazo zibuyele
Emuva ziyekulala
'Zikhundleni zazo.

23 Umuntu-ke uyaphuma
Azihambele nje
Ay' emsebenzini kuze
Kube kusihlwa nje.

24 O! Nkosi 'misebenzi yakh'
'Yandile kangaka.
Ingeyokuhlakanipha
Ligcwel' inoth' izwe.

25 Njalo lolwandle lukhulu
Lapho kulezilo
Ezingebalw' ezinkulu
Lazo ezincane.



2 Ziphakamise mahluli
Walo lon' ilizwe
Unike abazindlayo
'Kubafaneleyo.

3 Nkosi kuzakuba nini
Abakhohlakali
Bon' abakhohlakeleyo
Bengabanqobayo?

4 Koba nini bekhuluma
Izint' ezinzima,
Bonke abenzi bobubi
Bezigqaja bona?

5 Nkosi bayabachoboza
Abakho abantu
Bona bayalihlupha bo
Elakho ilifa.

6 Babulal' umfelwakazi
Laye owemzini
Njalo babulala lazo
Zon' izintandane.

7 Kube kanti bath': INkosi
Ayisoz' ibone,
'Nkulunkulu kaJakobe
Kasoze ananze.

8 Qondanini lina bantu
Bobunyamazana
Lizahlakanipha nini
Lani-ke zithutha?

9 Owenza indlebe yena
Akayikuzwa na?
Lowenza lona ilihlo
Kayikubona na?

10 Yena olaya izizwe
Kaqondisi yini?
Yen' ofundisa ulwazi
Kayikukwazi na?

11 INkosi iyayazi bo
Yon' imicabango
Yomuntu ukuthi yona
Iyilo lon' ize.

12 O! Nkosi ubusisiwe
Um'ntu omlayayo
Omfundisa okuvela
Emthethweni wakho.

13 Ukuz' umnik' ukuphum'la
Kw' insuku zohlupho
Baze bona bagejelwe
Umgodi ababi.

14 Ngob' iNkosi kayisoze
'Lahl' abantu bayo
Njalo kayiyikutshiya
Elayo ilifa.

15 Kodwa isigwebo siza-
buy' ekulungeni
Abanhliziyw' eqondile
Bazasilandela.

16 Nguban' ozakungimela
Kubo bon' ababi?
Ozakungimela mina
Kwabenza okubi?

17 Uba bengingasizwanga
Nguye uJehova
'Mphefum'lo wami waphosa
Wathula wathi zwi.

18 Nxa ngathi: Unyawo lwami
Luyatshelela bo,
Isihawu sakho Nkosi
Sangisekela m'na.

19 Kubo ubunengi bayo
Im'khumbulo yami
Umphefum'lo uthokoza
Ngezakh' induduzo.

20 Isihlalo esobubi
Sihlangene lawe,
Son' esimisa okubi
Ngawo umthetho na?

21 Baqoqanel' umphefum'lo
Wakh' olungileyo
Bona balahla igazi
Elingelacala.

22 Kodw' iNkosi ngumvikel' wam'
UNkulunkulu wam'
Nguye olidwala lami
Layo inqaba yam'.

23 Ehlisela phezu kwabo
Obabo ububi
Baqunyw' ebubini babo
NguThix' iNkos' yethu.

## Isihlabelelo 95

1 Wozani sihlabelele
Kuyo yon' iNkosi
Senz' umsindo wentokozo
'Litshen' losindiso.

2 Kasizeni phambi kwayo
Ngokubonga njalo
Senz' umsindo wenjabulo
Ngezihlabelelo.

3 Ngoba iNkosi inguye
UThixo omkhulu
Yinkosi enkulu phezu
Kwazo izithixo.

4 Izindawo ezinzulu
Zezwe zikuntende
Yesandla sayo; amandla
'Zintaba ngawayo.

5 Lungolwayo lon' ulwandle
Lwenziwa yiyo bo,
Izandla ezayo zenza
'Mhlab' owomileyo.

6 Wozanini siyikhonze
Sikhothame kuyo
Kasiguqe phambi kwayo
'Nkosi, 'Menzi wethu.

7 Ngoba unguThixo wethu,
Thina singabantu
Bedlelo lona elakhe,
Njalo siyizo bo

Izimvu ezingezakhe
Lezo izandla bo.
Uba lamuhla lisizwa
Elakhe ilizwi

8 Izinhliziyo ezenu
Lingaziqinisi
Njengasekucaphuleni
Ngomhla wokulinga

9 Enkangala, lapho bona
Oyihlo bang'linga,
Bangihlola-ke, babona
Umsebenzi wami.



Lina elenza eyayo
Yona imilayo
Lilalela lon' ilizwi
Lawayo amazwi.

21 Yibongenini iNkosi
Lina mabandl' ayo
Lina ezayo inceku
Lenz' intando yayo.

22 Bonganini yon' iNkosi
Lina lonke phela
Misebenzi yayo yonke
Endaweni zonke

Kulo lonke jikelele
Elombuso wayo.
Kawuyibonge iNkosi
Wena mphefum'lo wam'.

## Isihlabelelo 104

1 Bong' iNkosi mphefum'lo wam'
Nkosi Nkulunkulu
Wam', umkhulu uhlonitshwa
Wembath' ubukhosi.

2 Ozigubuzele ngoku-
khanya njengengubo
Uyelula amazulu
Njengalo ilembu.

3 Omisa intungo zazo
Ezakho izindlu
Phakathi kwawo amanzi.
Wena owenzayo

Wona amayezi abe
Ngezakhe inqola
Nguwe ohamba phezulu
Kwamaphik' omoya.

4 Owenza izingilosi
Zakhe imimoya
Lezinceku zakhe ama-
langabi omlilo.

5 Owabek' izisekelo
Zomhlaba ukuze
Ungasuswa kuze kube
Lanini lanini.

6 Wawugubuzela wona
Ngenziki sangubo,
Amanzi ema phezulu
Kwazo izintaba.

7 Ngakho ukukhuza kwakho
Wona abaleka
Ngalo izwi lokuduma
Kwakho aphangisa.

8 Enyuka ngazo intaba
Ehla ngezihotsha
Ezawo ezindaweni
Omisele wona.

9 Umisile umkhawulo
'Kuze ungadlulwa
Angabuy' agubuzele
Futhi-ke umhlaba.

10 Uyaveza imithombo
Khon' ezihotsheni
Egelezayo phakathi
Kwawo amaqaqa.

11 Inathis' inyamazana
Zonke ezomango,
Obabhemi bayaqeda
Ukoma okwabo.

6 INkosi isebenzisa
Khona ukulunga
Lesigwebo kubo bonke
Abahlutshwayo bo.

7 Yazazisa izindlela
Zayo kuMozisi
Lazo ezayo izenzo
Kwabako'Srayeli.

8 INkosi ilesihawu
Njalo ilomusa
Iphuz' ukuthukuthela
Yand' esihawini.

9 Kayiyikuphikisana
Ngezikhathi zonke,
Kayigcin' intukuthelo
Kube laphakade.

10 Kayisiphathang' njengazo
Izono ezethu
Kayisiphindiselanga
Ngokobubi bethu.

11 Njengokuphakam' kwezulu
Phezulu komhlaba
Sinjal' isihawu sayo
Kwabayesabayo.

12 Njengempumalang' ihluke
Kuy' intshonalanga
Izidedisile kithi
Zonk' izono zethu.

13 Njengoyis' ehawukela
Abantwana bakhe
Injalo iNkosi kubo
Abayesabayo.

14 Ngokuba iyazazela
Elethu ibumba
Iyakhumbula ukuthi
Thina siluthuli.

15 Umuntu, insuku zakhe
Zifana lotshani
Zinjengeluba leganga
Yen' uyakhahlela.

16 Ngoba umoya udlula
Khona phezu kwalo
Ukuthi indawo yalo
Ingab' isalazi.

17 Kodw' isihawu seNkosi
Sisuka phakade
Siye kweliny' iphakade
Phezulu kwalabo

Abayesabayo yona
Lakho okwayo-ke
Ukulunga kubantwana
Babantwana babo.

18 Kubo abagcin' esayo
Isivumelwano
Labakhumbula ukwenza
Eyay' imithetho.

19 INkosi ilungisile
Isihlalo sayo
Ezulwin', umbuso wayo
Uyabusa konke.

20 Bongani iNkosi lina
Zingilosi zayo
Lina eledlulayo bo
Ngawo won' amandla,



10 Iminyaka ematshumi
Amane ubude
Ngacunulwa yilesi bo
Isizukulwana.

Ngathi: Bayona abantu
Kweyab' inhliziyo
Njalo abazazi zona
Izindlela zami.

11 Ngikweyam' intukuthelo
Ngafunga-ke ngathi,
Kabayikungena kukho
Ukuphum'la kwami.

## Isihlabelelo 96

1 Hlabelelan' eNkosini
Yon' ingoma entsha
Hlabelani eNkosini
Lina lonke mhlaba.

2 Hlabelani eNkosini
Lidumis' ibizo
Bikan' usindiso lwayo
Insuku ngensuku.

3 Litshumayele udumo
Olwayo phakathi
Kwezizwe, lem'mangaliso
Kubo bonk' abantu.

4 Ngoba iNkosi inkulu
Kufanel' ibongwe
Kakhulu, iyesabeka
Phez' kwez'thixo zonke.

5 Ngob' othixo abezizwe
Bonk' bayizithombe
Kodwa yon' iNkosi yenze
Wona amazulu.

6 Inhlonipho lobukhosi
Kukho phambi kwayo
Amandla labo ubuhle
Busendlini yayo.

7 Phanini yona iNkosi
Lina zizwe lonke
Liyiphe yona iNkosi
Udumo lamandla.

8 Nikan' iNkosi udumo
Lwelayo ibizo
Lethan' umnikelo, liye
Emagumen' ayo.

9 Khonzanin' iNkosi kubo
Ubuhle obabo
Ubungcwele, yesabani
Phambi kwayo lonke.

10 Tshelanini zonk' izizwe:
INkos' iyabusa.
Lalo lona lonke izwe
Uzakulimisa

Lingaze lanyikinyeka.
Yena uzagweba
Ngokulungileyo bona
Bonke abantu bo.

11 Kawathabe amazulu
Lijabule izwe
Kaludume lon' ulwandle
Lokugcwala kwalo.

12 Kayithabe imimango
Lakho okukuyo:
Khona zonke izihlahla
Zegusu zithabe

13 Phambi kwayo yon' iNkosi
Ngokuba iyeza
Iza ukuzakugweba
Lona ilizwe bo.

Izakwahlulela izwe
Ngakho ukulunga
Labo bonke bon' abantu
Ngeqiniso layo.

## Isihlabelelo 97

1 UJehova uyabusa
Izwe kalithabe
Lezihlenge ezinengi
Lazo kazithabe.

2 Uphahliwe ngamayezi
Labo ubunyama
Ukulunga lesigwebo
Yibukhosi bakho.

3 Umlilo uhamba phambi
Kwakhe uyatshisa
Uqothul' izitha zakhe
Ezimhanqileyo.

4 Yona imibane yakhe
Yakhanyisa izwe
Umhlaba wabona lokhu
Wasuthuthumela.

5 Kwancibilika intaba
Njengengcino kuye
Ebusweni bay' iNkosi
Eyomhlaba wonke.

6 Amazulu ayabika
Ukulunga kwayo
Bonke abantu babona
Inkazim'lo yayo.

7 Kabathuthazwe bonke nje
'Bakhonz' izithombe
Bezigqaja ngezithixo
Mkhonzen' lonk' zithixo.

8 Yezwa yathab' iZiyoni
'Ntombi zakoJuda
Zathokoza ngezigwebo
Zakho Nkulunkulu

9 Wena Nkosi uphakeme
Kulomhlaba wonke
Uphakanyiswe kulazo
Zonke izithixo.

10 Lina elithand' iNkosi
Zondani ububi
Iyalond' im'phefumulo
Yabangcwele bayo.

Yona iyabakhulula
Bona esandleni
Esingesabo bona-ke
'Bakhohlakeleyo.

11 'Kukhanya kuhlanyelelwe
Abalungileyo
Lenjabulo abaqotho
Kuyo inhliziyo.

12 Thokozani eNkosini
O balungileyo,
Libonge ngokukhumbula
Ubungcwele bayo.

## Isihlabelelo 98

*Isihlabelelo.*

1 O hlabela ingom' entsha
ENkosini wena
Ngoba yenzil' izimanga
Ezinkulukazi.



19 Ngoba ekuyo ingqonga
Yendaw' engcwel' yakhe
Ezulwin' uNkulunkulu
Waqaza umhlaba.

20 Ukuzwa ukububula
Okwas' isibotshwa
Akhulule labo aba-
gwetshelwe ukufa.

21 Ukubika eZiyoni
Ibizo leNkosi
Lazo izibongo zayo
EJerusalema.

22 Nxa abantu bebuthene
Layo imibuso
Ndawonye ukuyikhonza
Yonale iNkosi.

23 Endleleni waxegisa
Awami amandla
Layo eyami imihla
Waseyifinyeza.

24 Ngath': Nkosi yam' ungangisus'
Phakath' kwensuku zam'.
Im'nyaka yakho ihlala
Kusizukulwana.

25 Kade wasimisa sona
'Siseko somhlaba
Lamazulu ngumsebenzi
Owezandla zakho.

26 Kuzabhubha kodwa wena
Uzakuma njalo,
Yebo konke kuzaguga
Kuphele kuthi nya.

Kuzaguga njengengubo
Wena wokugoqa
Kuguqule njengengubo
Kuzaguquleka.

27 Kodwa-ke wena uhlala
Njalo kokuphela
Iminyaka yakho yonke
Kayisoz' iphele.

28 Abantwana bezinceku
Zakh' bazaqhubeka
Lenzalo yakho yomiswa
Khona phambi kwakho.

## Isihlabelelo 103

*EsikaDavida.*

1 Bong' iNkosi mphefum'lo wam'
Lokukimi konke
Kakubusise ibizo
Layo elingcwele.

2 Kawuyibonge iNkosi
Wena mphefum'lo wam'
Ungaze wakhohlwa zonke
Izinzuzo zayo.

3 Yena okuxolelayo
Bonk' obakh' ububi
Yena uyelapha zonke
Ezakho izifo.

4 Ohlenga eyakh' impilo
Encithakalweni
Okwethes' umqhele owo-
musa lesihawu.

5 Osuthis' umlomo wakho
Ngokulungileyo
Buvuswe ubutsha bakho
Bufuz' obokhozi.

3 Ngoba izinsuku zami
Ziloba santuthu
Lamathambo ami atsha
Njengalo iziko.

4 Ngitshayelwe inhliziyo
Yabun' okotshani
Ngaze ngakhohlwa ukudla
Esami isinkwa.

5 Ngenxa yokulila kwami
Sekunamathele
Amathambo ami kuso
Isikhumba sami.

6 Ngifana lewunkw' yenhlane
Njalo ngiyafana
Lesikhova senkangala
Esami isimo.

7 Ngayalinda mina mpela
Njengayo intaka
Ihlezi yodwa phezulu
Kwesicholo sendlu.

8 Ngiyangiswa yizitha zam'
Izinsuku zonke
Labahlanyayo-ke ngami
Bayangifungela.

9 Ngoba sengidle umlotha
Njengaso isinkwa
Ngivubile isinatho
Sami ngem'nyembezi.

10 Ngenxa yocunuko lwakho
Lokuthukuthela
Ungiqongise wabuya
Wangilahla phansi.

11 Insuku zami zifana
Laso isithunzi
Esiya sinyamalala
Ngibun' okotshani.

12 Kanti wena Nkulunkulu
Wohlala phakade
Wokhunjulwa yizo zonke
Izizukulwana.

13 Wovuka uhawukele
Yona iZiyoni
Ngoba kufike ithuba
Elokuyithanda.

14 Ngoba izinceku zakho
Zithand' amatsh' ayo
Lalo uthuli lwakhona
Lwayo iZiyoni.

15 Ngakho amaqaba kanye
Lamakhosi ezwe
Woyesab' inkazimulo
Yelakho ibizo.

16 Laph' iNkosi izakwakha
Yona iZiyoni,
Yobonakala ikulo
Olwayo udumo.

17 Wonanzelel' umthandazo
Wakhe oswelayo
Angadelel' isicelo
Somthandazo wabo.

18 Lokhu kuzakulotshelwa
Usend' oluzayo
Labantu abazadalwa
Bazabong' iNkosi.



'Sandla sayo sokunene
Lengalo engcwele
Yayo, kuzuzela yona
Khona ukunqoba.

2 INkosi yona impela
Isifakazile
Isazisa ngosindiso
Olwayo sibili.

Ukulunga kwayo lakho
Ikwambulile nje
Yakwazis' abahedeni
Phambi kwamehl' abo.

3 Yasikhumbul' isihawu
Leqiniso layo
Eliqonde kuyo indlu
Yakh' uIsrayeli.

Yonke imikhawulo nje
Eyomhlaba wonke
Ilubonil' usindiso
OlweNkosi yethu.

4 Kalenze umsindo lina
Owokuthokoza
Kuyo iNkosi sibili
Wena mhlaba wonke.

Lina yenzani umsindo
Omkhulukazi-ke
Lithokoze lihlabele
Izibongo zayo.

5 Hlabelani eNkosini
Ngomhubhe, ngomhubhe
Langalo lona ilizwi
Lesihlabelelo.

6 Ngempondo lalo ilizwi
Lomhlanga yenzani
'Msindo wenjabulo phambi
Kwenkos' uJehova.

7 Kalubhonge lon' ulwandle
Lokugcwala kwalo
Won' umhlaba kanye labo
Abahlezi kiwo.

8 'Mifula kayiqakeze
Ezayo izandla
Lezintaba zithokoze
Zonke zindawonye

9 Phambili kwayo iNkosi
Ngokuba iyeza
Ukuzakuwahlulela
Umhlaba wonke-ke.

Ngalokhukulunga yona
Izakuwugweba
Wonke umhlaba, labantu
Ngakho ukuqonda.

## Isihlabelelo 99

1 UJehova uyabusa
Kabaqhuqh' abantu
Uphakath' kwamakherubi
Lizamazam' izwe.

2 UJehova eZiyoni
Umkhulu kakhulu
Uphakeme phezu kwabo
Bonke bon' abantu.

3 Kabadumise ibizo
Lakho elikhulu
Elesabekayo lona
Ngokuba lingcwele.

4 Amandla away' inkosi
Lawo ayathanda
Isigwebo, uyamisa
Khona ukulunga.

Uyasebenzisa wena
Sona isigwebo
Njalo lakho ukulunga
Kuye uJakobe.

5 Phakamis' iNkos' uThixo
Owethu, likhonze
Kusenabelo senyawo
Zakhe, ngob' ungcwele.

6 UMozisi loAroni
Kubapristi bakhe
LoSamuweli phakathi
Kwabo bonke phela

Ababiz' ibizo lakhe.
Babiza iNkosi
Yena bo uNkulunkulu
Wasebaphendula.

7 Ensikeni eyeyezi
Wakhuluma labo
Bagcin' izimiso zakhe
Lomlay' abapha won'.

8 Wena wabaphendula, o
Nkulunkulu wethu
Jehova. Wena-ke waba
NguNkulunkulu-ke

Yen' obathethelelayo
Lanxa wena Nkosi
Waphindisela izenzo
Ezabo ezimbi.

9 Lina phakamisani-ke
'Nkulunkulu wethu
UJehova, khonzanini
Entabeni yakhe

Entabeni eyingcwele,
Ngoba uJehova
UNkulunkulu owethu
Yena ungongcwele.

## Isihlabelelo 100 L.M.

*Isihlabelelo sokudumisa.*

1 Hubelani ngokuthaba
Ngakuye uNkulunkulu
Lina lonke mhlaba wonke
Lidumis' uNkulunkulu.

2 Limkhonze lilokuthaba
Wozanini phambi kwakhe
Lijabula lihlabele
Khon' ebukhoneni bakhe.

3 Yazini ukubana-ke
INkosi inguye mpela
UNkulunkul', osenzile
Thina asizenzanga nje.

Thina siyibo abantu
Esenziwayo nguyena
Njalo siyizimvu zakhe
Ezedlelo lakhe yena.

4 Ngenani emasangweni
Libongeke lidumisa
Lasemagumeni akhe
Libonga ibizo lakhe.

5 Ngob' iNkosi ilungile
'Musa way' uhlezi kuze
Kube phakad', leqiniso
Lay' esizukulwaneni.



## Isihlabelelo 101

*Isihlabelelo sikaDavida.*

1 Ngohlabelel' ngesihawu
Lakh' ukwahlulela
Kuwe o Jehova mina
Ngizakuhlabela.

2 Ngizakuziphatha kuhle
Ngendlel' elungile
O! Uzakubuya nini
Khona ngakimi na?

Ngizakuhamba phakathi
Kwayo indlu yami
Ngayo inhliziyo yami
Yon' epheleleyo.

3 Kangisoze ngilubeke
Khona phambi kwawo
Awami wona amehlo
Ulutho olubi.

Ngiyawuzond' umsebenzi
Waz' iziphambuki
Kawusoz' unamathele
Kimi lakanye nje.

4 Inhliziy' ephambukayo
Izasuka kimi
Angisoze-ke ngimazi
Okhohlakeleyo.

5 Lowo onyeya owakhe
Yen' umakhelwane
Khona ngasensitha, mina
Ngizamquma yena.

Lowo ophakamileyo
Oziqakisayo
Ngenhliziyo kangisoze
Ngimyekele mina.

6 Amehlo ami azoba
Phezu kwabomhlaba
Bon' abathembekileyo
Abasemhlabeni

Ukuze bahlale lami.
Lowo ohambayo
Ngendlela eqotho yena
Uzakungikhonza.

7 Umkhohlisi kakuhlala
Khon' endlini yami
Usomangase kasoze
Eme phambi kwami.

8 Ngobhubhisa ngokutshetsha
Abakhohlakali
Ngizisuse izigangi
Emzini weNkosi.

## Isihlabelelo 102

*Umkhulelo wohluphekayo nxa esehluleka ethulula isikhalazo sakhe phambi kobuso beNkosi.*

1 Nkosi yizwa umthandazo
Wami uvumele
Ukuze size ngakuwe
Isililo sami.

2 Kawungabufihli kimi
Ubuso bakho bo
Ngosuku lapho uhlupho
Selungehlele m'na.

Ngizwa ngendlebe yakho bo
Ngalolo usuku
Lapho ngikumemezayo
Tshetsha ngiphendule.

Njalo ziphezu kwami bo
Ngasengifumana
Izinhlupheko lazo-ke
Zona izinsizi.

4 Ngabiz' ibizo leNkosi;
Nkosi ngikuncenga,
Wena khulula wona bo
Umphefum'lo wami.

5 Ilomusa yon' iNkosi
Njalo ilungile
Yeb' uNkulunkulu wethu
Ungolesihawu.

6 INkosi ilondoloza
'Bathobekileyo
Ngangithotshiselwa phansi
Yase ingisiza.

7 Mphefum'lo wami buyela
'Kuphum'leni kwakho
Ngob' iNkosi ikuphethe
Ngomusa omkhulu.

8 Mphefum'lo wam' ekufeni
Uwusindisile
Lamehl' ezinyembezini
Lenyaw' ekuweni.

9 Ngizakuhamba ngiphambi
Kwayo yon' iNkosi
Ngikulo ilizwe labo
Bon' abaphilayo.

10 Mina ngakholwa ngakho-ke
Ngasengikhuluma
Mina ngangihluphekile
Kakhulu sibili.

11 Ngatsho-ke kukho okwami
Khon' ukuphangisa:
Bona-ke bonke abantu
Baqamba amanga.

12 Ngizabuyiselani na
Kuyo yon' iNkosi
Ngayo yonke yon' inzuzo
Eyayo ngakimi?

13 Ngizakuthatha inkezo
Yalo usindiso,
Ngibe sengibiz' ibizo
Elayo iNkosi.

14 Ngizagcwalis' izifungo
Zami eNkosini
Phambi kwababantu bayo
Bonke khathesinje.

15 Kuligugu emehlweni
Awayo iNkosi
Khona ukufa kongcwele
Yen' olungileyo.

16 O! Nkosi ngokweqiniso
Ngiyinceku yakho,
Ngiyinceku eyakho bo
Eyiy' indodana

Indodana eyayo bo
Yon' incekukazi
Usuzikhululile bo
Izibopho zami.

17 Ngizanikel' umnikelo
Kuwo wokubonga,
Njalo ngizabiza lona
Ibizo leNkosi.



23 UIsrayel' eGibithe
Laye wayafika
LoJakobe wayahlala
Ezweni leHamu.

24 Wandisa abantu bakhe.
Wabenzel' amandla
Amakhulu kulalawo
Awezitha zabo.

25 Waziphendul' inhliziyo
Ukuze zizonde
Abantu bakhe, ziqile
Izinceku zakhe.

26 Wathuma yen' uMozisi
Oyinceku yakhe,
Lay' uAroni onguye
Amukhethileyo.

27 Bababonis' izimanga
Lemibono yakhe
Ebantwini lezimanga
Ezweni leHamu.

28 Wabuthuma ubunyama
Wenza kwaba mnyama
Njalo kabavukelanga
Elakhe ilizwi.

29 Wawaphendula amanzi
Aba yil' igazi
Waze wabulala zonke
Izinhlanzi zabo.

30 Ilizwe labo lagcwala
Ngawo amaxoxo,
Agcwala lasezindlini
Zaw' amakhos' abo.

31 Wakhuluma-ke kwavela
'Mtshitshi wempukane
Lezintwala kulo lonke
Kwelabo ilizwe.

32 Wabanisel' isiqhotho
Saba lizulu-ke
Lawo umlil' ovuthayo
Kwelabo ilizwe.

33 Watshay' amasimu abo
Lemikhiwa yabo
Waze wephul' izihlahla
Zelabo ilizwe.

34 Wakhuluma ye kwavela
Zona izintethe
Lamacimbi amanengi
Angeke abalwe.

35 Kwadla yonke imibhida
Elizweni labo
Kwadla zonke izithelo
Zehlabathi labo.

36 Watshaya amazibulo
Wonke ezwe labo
Ingqabutho yamandl' abo
Elizweni labo.

37 Wababakhupha lesiliva
Legolide njalo
Kwakungekho isicubu
Ezizweni zabo.

38 IGibhithe yathokoza
Ngokuhamba kwabo,
Ngoba yatshaywa luvalo
Ngalabo abantu.

39 Wendlala lona iyezi
Labagubuzela
Lomlilo ngasebusuku
Wabakhanyisela.

40 Bacela wabalethela
Zona izagwaca
Wabasuthisa ngesinkwa
Esasezulwini.

41 Waqhekeza lon' idwala
Kwampompoz' amanzi,
Ageleza ekomeni
Kwaba njengomfula.

42 Wakhumbul' isithembiso
Sakhe esingcwele
Laye yen' uAbrahama
Eyakhe inceku.

43 Wabaphumisa abantu
Bakhe ngenjabulo,
Abakhethiweyo bakhe
Ngakh' ukuthokoza.

44 Wabapha amazwe lawo
Angawabezizwe,
Badla ilifa labantu
Lomsebenzi wabo.

45 Ukuze balondoloze
Izahlulo zakhe,
Balond' imithetho yakhe.
Dumisan' iNkosi.

## Isihlabelelo 106

1 Dumisan' iNkosi liphe
Izibongo kuyo
INkosi ngob' ilungile
'Sihaw' simi njalo.

2 Ngubani ongakhuluma
Izenzo zeNkosi?
Nguban' ongatshumayela
Izibongo zayo?

3 Babusisiw' abagcina
Ukwahlulela bo,
Lowenz' okulungileyo
Ngezikhathi zonke.

4 Ngikhumbule lami Nkosi
Ngal' uthando lwakho
Olwabantu bakho, woza
Losindiso lwakho.

5 Ukuze ngibon' ubuhle
Babakhethwa bakho
Ukuze-ke ngithokoze
Ngingothabileyo

Phakathi kwesizwe sakho
Khona ngidumisa
Ndawonye lalo elakho
Lona lelolifa.

6 Thina sonile kakhulu
Labobaba bethu
Sikwenzile khon' okubi
Senze ngenkohliso.

7 Bona-ke obaba bethu
Kabezwanga zona
Izimangaliso zakho
Khona eGibithe.

Abakhumbulang' imvamo
Yesihawu sakho
Kodwa bamcunula khona
ELwandl' oluBomvu.



6 Zilezindlebe kodwa-ke
Kazizwa sibili
Zilazo izimpumulo
Kodwa kazinuki.

7 Zilezandla kaziphathi
Lenyawo kodwa-ke
Kazihambi, lemiphimbo
Kodw' azikhulumi.

8 Abazibazayo bona
Bafanana lazo
Unjalo-ke laye wonke
Othembela kuzo.

9 Wena Israyeli themba
Kuyona iNkosi,
Yona ingumsizi wabo
Lesihlangu sabo.

10 Ndlu kaAroni yethemba
Kuyona iNkosi.
Ingumsizi wabo njalo
Lesihlangu sabo.

11 Lina eliyesabayo
Yona iNkosi le,
Yithembeni, ingumsizi
Lesihlangu sabo.

12 INkos' isinanzelele
Izasibusisa
Lay' indlu kaIsrayeli
Lay' ekaAroni.

13 Izakubusisa bona
Abayesabayo
INkosi, bon' abakhulu
Lab' abancinyane.

14 Izakulandis' iNkosi
Ngokuphindiweyo,
Wena labo bonke bona
Abantwana bakho.

15 Ilibusisile lina
Yona-ke iNkosi
Eyenze lona izulu
Lawo won' umhlaba.

16 Izulu law' amazulu
Angaway' iNkosi
Kodwa umhlaba iwuphe
Abantwan' babantu.

17 Kabayibongi iNkosi
Bon' abafileyo
Lalabo abatshonayo
Khon' ekuthuleni.

18 Kodwa thina sizabonga
'Nkosi khona manje
Kuze kube nininini.
Dumisani Nkosi.

## Isihlabelelo 116

1 Ngiyayithanda iNkosi
Ngokub' ilizwile
Lona elami ilizwi
Lezicelo zami.

2 Ngokuba ingilalele
Ngizabiza kuyo
Ngazo zonke izikhathi
Khona ngisaphila.

3 Izinsizi zakh' ukufa
Zingizungezile
Laz' ihlungu zesihogo
Zingibambile m'na

8 Ukuz' amhlalise yena
Law' amakhosana,
Ngitsho won' amakhosana
Awabo abantu.

9 Uyenza inyumba ibe
Lendlu, engunina
Othokozay' wabantwana.
Dumisan' iNkosi.

## Isihlabelelo 114

1 Nxa waphum' uIsrayeli
EGibithe, lendlu
KaJakobe ebantwini
Bolimi lwezizwe.

2 UJuda waba yindawo
Yakhe eyingcwele,
LoIsrayeli-ke waba
Ngowakhe umbuso.

3 Ulwandle lwaselubona
Khona lwabaleka,
IJordani lafuqelwa
Khonale emuva.

4 Izintaba zaqolotsha
Njengazo inqama,
Lamaqaqanyana eqa
Njengamazinyane.

5 Ulani na wena lwandle
Ukuth' ubaleke?
Lawe Jordani ukuthi
Ufuqelw' emuva?

6 Lani zintab' ezeqayo
Njengazo inqama?
Lan' intatshan' ezeqayo
Njengamazinyane?

7 Thuthumela wena mhlaba
Kubuso beNkosi,
Ebusweni bukaMlimu
Mlimu kaJakobe.

8 Yena owenza idwala
Laphenduk' ichibi,
Itshe eliqinileyo
Umthombo wamanzi.

## Isihlabelelo 115

1 Kakungabi kithi Nkosi
Kakungabi kithi
Kodwa kakube kwelakho
Lona ibizo bo

Phanini udumo ngenxa
Yesihawu sakho
Njalo langenxa yalo bo
Iqiniso lakho.

2 Ngani ukuthi izizwe
Zithi: Ungaphi na
Khona khathesi owabo
Yen' uNkulunkulu?

3 Kodw' uNkulunkulu wethu
Ukhon' ezulwini
Wenzile loba kuyini
Yen' akuthandayo.

4 Izithombe zabo ziyi-
sil'va legolide
Zingumsebenzi wezandla
Zabo bon' abantu.

5 Zilemilomo kodwa-ke
Zon' azikhulumi.
Zilamehlo kodwa zona
Kaziboni lutho.



8 Kodwa wasebasindisa
Ngenxa yebizo lakh'
Ukuze wona amandla
Akhe azwakale.

9 Wakhuz' uLwandl' oluBomvu
Kwatsh' amanzi wonke
Wabahambis' enzikini
Njengasemangweni.

10 Wabasindis' esandleni
Sabazondi babo,
Wabahlenga esandleni
Sezabo izitha.

11 Amanzi agubuzela
Ezabo izitha,
Kakuzange kube khona
Loyedw' oseleyo.

12 Ngakho-ke basebekholwa
Emazwini akhe,
Bahlabelela ingoma
Lezibongo zakhe.

13 Masinyane bayikhohlwa
Im'sebenzi yakhe
Kabazange balindele
'Sakh' iseluleko.

14 Kodwa-ke babekhanuka
Kakhulu enhlane
Bamlinga uNkulunkulu
Khona enkangala.

15 Wabanika isicelo
Sabo kodwa yena
Wayicakisa eyabo
Imiphefumulo.

16 Bakhwelezel' uMozisi
Besemadumbeni,
Lay' uAroni ongcwele
Engoway' iNkosi.

17 Waqhekezeka umhlaba
Wamginy' uDathani
Waligqibela ixuku
LikaAbiramu.

18 Kuxuku labo kwavutha
Umlil' otshisayo
Ilangabi labaqeda
Abaxhwalileyo.

19 Balenza lona ithole
Khona eHorebe,
Bakhulek' esithombeni
Esibunjiweyo.

20 Ngokunjalo baphendula
'Dumo lwabo lwaba
Yisifaniso senkabi
Yon' edla utshani.

21 Bakhohlwa uNkulunkulu
Umsindisi wabo,
Owenz' izimangaliso
Khona eGibithe;

22 Izimangalis' ezweni
Lon' elikaHamu
Khona okwesabekayo
OLwandl' oluBomvu.

23 Ngakho-ke wathi uzaba-
chithachitha bona
Alub' uMozisi yena
Umkhethwa-ke wakhe

Engamanga phambi kwakhe
Khon' ekufohleni
Ukuthint' ulaka lwakhe
Hlez' ababhubhise.

24 Yebo badelel' ilizwe
Lona-ke elihle,
Abazange balikholwe
Elakhe ilizwi.

25 Kodwa basebekhonona
Emadumben' abo
Abalalelanga izwi
Layo iNkosi bo.

26 Ngakho esakhe isandla
Wasiphakamisa
Ukuze yen' abawise
Phansi besenhlane.

27 Ukuyichitha inzalo
Yabo ezizweni,
Njalo-ke ayihlakaze
Khona emazweni.

28 Bazihlanganisa bona
LoBali-Peyori
Badla okwahlatshelwayo
Bon' abafileyo.

29 Basebemthukuthelisa
Ngezabo izenzo,
Lobhubhane wafohlela
Khona phezu kwabo.

30 Wema-ke uFinehasi
Wenza isigwebo,
Ngalokho-ke ubhubhane
Wasemiswa lapho.

31 Lokho kwabalelwa yena
Ukulunga kuzo
Zonke izizukulwana
Kube nininini.

32 Baphinda ukumzondisa
Kumanz' eMeriba
Kwaba kubi kuMozisi
Ngenxa yabo bona.

33 Ngoba bacunula lowo
Umoya owakhe,
Wakhuluma ngamawala
Ngezakhe indebe.

34 Kabaziqedanga zona
Zonke lezizizwe
Abalaya ngazo yena
UNkulunkulu bo.

35 Kodwa bona bahlangana
Lab' abahedeni,
Eyabo imisebenzi
Baze bayifunda.

36 Bazikhonza izithombe
Zona-ke ezabo,
Zona zaphenduka zaba
Ngumjibila kibo.

37 Banikela umhlatshelo
Wamadodan' abo
Lamadodakazi abo
Kubomoy' ababi.

38 Igaz' elingelacala
'Lamadodan' abo
Lamadodakazi abo
Balichithachitha.




2 Izoba lamandl' inzalo
Yakhe emhlabeni,
Isizukulwana saba-
qotho sobusiswa.

3 Yona imfuyo lenotho
Kusendlini yakhe,
Ukulunga kwakhe kumi
Ngokungapheliyo.

4 Kuy' oqotho kuyaphuma
'Kukhany' emnyameni,
Ulomusa njal' ugcwele
'Sihaw' lokulunga.

5 Olungileyo uphatha
Ngomus' aboleke
Esekel' indaba zakhe
Kuhle ngokulunga.

6 Qotho kayikunyikinywa
Yena njalo njalo,
'Lungileyo wokhunjulwa
Kube laphakade.

7 Kayikwesab' imibiko
Emib', inhliziyo
Yakhe iqinisekile
Ithemba iNkosi.

8 Inhliziyo yakh' imiswe
Kasoze esaba
Abon' isifiso sakhe
Ezitheni zakhe.

9 Unikile abayanga
Ukulunga kwakhe
Kumi njal', uphondo lwakhe
Luzoba lodumo.

10 Omub' uzabon' azonde
Agedl' amazinyo,
Anyamalal', isifiso
Sababi sophela.

## Isihlabelelo 113

1 Dumisani yon' iNkosi
Liyidumise-ke
Zinceku zeNkosi, bonga
Ibizo leNkosi.

2 Kalibusiswe ibizo
Elayo iNkosi
Kusukela khathesinje
Kube laphakade.

3 Kusuk' ilanga liphuma
Lize liyetshona,
Kalidunyiswe ibizo
ElikaJehova.

4 Yon' iNkosi iphakeme
Phezu kwezizwe zonk',
Udumo lwayo luphezu
Kwawo amazulu.

5 Ngubani ofana layo
Yon' iNkosi yethu,
UNkulunkulu ohlezi
Khona ngaphezulu,

6 Ozithobisayo yena
Ukuthi abone
Izint' ezisezulwini
Lakuwo umhlaba!

7 Uphakamisa umyanga
Aphum' othulini
Aphakamis' oswelayo
Kunqumbi yomquba

7 Izakunatha-ke kiso
Isifula endleleni,
Ngakho izaphakamisa
Lona elayo ikhanda.

## Isihlabelelo 111

1 Idumiseni lina bo
INkosi le yona
Ngizayidumisa mina
Yona-ke iNkosi

Ngayo inhliziyo yami
Khon' emhlanganweni
Owabo bon' abaqotho
Lakulo ibandla.

2 Imisebenzi yeNkosi
'Mikhul' iyadingwa
Yibo bonke labo bona
'Bathokoza ngayo.

3 Uyazisek' umsebenzi
Wayo olodumo,
Ukulunga khon' okwayo
Kuhlala phakade.

4 Yayenz' im'sebenzi yayo
Emangalisayo
Ikhunjulw', iNkosi ilo-
musa lesihawu.

5 Ibanikile ukudla
Abayesabayo,
Yokhumbul' uvumelwano
Lwayo njalonjalo.

6 Yabonis' abantu bayo
'Mandla em'sebenzi
Yayo ukuze ibaphe
Ilifa lezizwe.

7 Zil'qiniso lesigwebo
'Zenzo zesandl' sayo,
Lemilayo yayo yonke
Iqinisekile.

8 Kumisiwe kuze kube
Ngokulaphakade
Kwenziwe ngal' iqiniso
Langakh' ukulunga.

9 Yathumela lon' uhlengo
Kub' abantu bayo
Yalaya uvumelwano
Olulaphakade.

Lingcwele lona elayo
Yebo ibizo bo
Njalo liyesabeka-ke
Elayo ibizo.

10 Khona-ke ukumesaba
Yen' uNkulunkulu
Kuyikhona ukuqala
Kokuhlakanipha.

Ukuqedisis' okuhle
Kukwabayenzayo
Imilayo, lodum' lwayo
Lumi laphakade.

## Isihlabelelo 112

1 Dumisanini bo lina
Yona iNkosi le,
Uyabusiswa umuntu
Owesab' iNkosi

Lowo othokozayo bo
Ngokukhulukazi
Kuyo imithetho yayo
Engeyay' iNkosi.



Abanikel' ngawo kuzo
Izithombe zona
EzeKhanani, lelizwe
Langcola ngegazi.

39 Njalo bangcoliswa bona
Ngem'sebenzi yabo,
Bona-ke basebephinga
Ngezabo izenzo.

40 Ngakho lwavutha ulaka
LweNkos' kubant' bayo
Yaze yalizondela-ke
Elayo ilifa.

41 Yabanikel' esandleni
Esabahedeni,
Labo ababazondayo
Bababusa bona.

42 Zabahlupha zon' ezabo
Izitha zanqoba,
Baze bona babaphansi
Kwezabo izandla.

43 Yabakhulula kanengi
Kodwa bayiqala
Ngawo awab' amacebo
Behliswa yibubi.

44 Kodwa mhlana belusizi
Yabananzelela,
Lapho yona yasisizwa
Ukukhala kwabo.

45 Yasikhumbula esayo
Isivumelwano
Yaphenduka ngaw' umusa
Wayo won' omkhulu.

46 Yakwenza ukuze bona
Babahawukele
Bona ababathumbayo
Babe law' umusa.

47 Sisindise, Nkosi wena
Nkulunkulu wethu,
Njalo sibutha phakathi
Kwazo zon' izizwe

Ukuze sibong' ibizo
Lakho elingcwele,
Njalo ukuze sinqobe
Ngendumiso yakho.

48 Kayibusiswe iNkosi
UNkulunkulu ka-
Israyeli kusukela
Emaphakadeni

Kusiya kwelinye lona
Iphakade, kathi
Bonk' abantu bathi: Amen'.
Dumisan' iNkosi.

## Isihlabelelo 107

1 Bonganini-ke iNkosi
Ngoba ilungile,
Ngokuba umusa wayo
Uhlezi phakade.

2 Kabatsho-ke abahlengwa
Bayo yon' iNkosi
Labo bona abahlengwa
Kusandla sesitha.

3 Wababutha emazweni
Kwelempumalanga,
'Ntshonalanga lenyakatho
Laseningizimu.

4 Bazulazula enhlane
Bebodw' endleleni
'Muzi wokuhlala bona
Abawutholanga.

5 Bona-ke babelambile
Njalo-ke bomile,
Imiphefumulo yabo
Yaphela amandla.

6 Basebekhal' eNkosini
Besenhluphekweni,
Yase ibakhulula-ke
Kuzinhlupho zabo.

7 Yabakhokhela ngendlela
Yon' elungileyo,
Ukuze bayefika-ke
Emzin' wokuhlala.

8 Abantu kabadumise
INkos' ngokulunga
Kwayo lezimangaliso
'Bantwanen' babantu!

9 Ngob' usuthis' ukufisa
Kwawo umphefum'lo,
Agcwalis' olambileyo
Ngokulungileyo.

10 Abahlez' ebunyameni
'Thunzini lokufa,
Babotshiwe zinhlupheko
Lazo izinsimbi.

11 Ngoba bona bavukela
Amazwi kaThixo
Badela icebo lakhe
Yen' oPhezukonke.

12 Wehlis' inhliziyo zabo
Ngabo ubunzima
Baze bawa phansi bona
Engekh' osizayo.

13 Basebekhal' eNkosini
Besenhluphekweni
Yase ibasindisa-ke
Kuzinhlupho zabo.

14 Yabakhupha emnyameni
Lethunzin' lokufa
Izibopho zabo bona
Yazephulaphula.

15 Abantu kabadumise
INkos' ngokulunga
Kwayo lezimangaliso
'Bantwanen' babantu!

16 Ngoba wephulile zona
'Zivalo zethusi
Wayiquma imigoqo
Eyayo insimbi.

17 Izithutha ngenxa yazo
Zon' iziphambeko,
Labo bon' ububi babo
Ziyahlupheka bo.

18 Umphefumulo owabo
Uzonda ukudla,
Sebesondelele wona
'Masango okufa.

19 Basebekhal' eNkosini
Besenhluphekweni
Yase ibasindisa-ke
Kuzinhlupho zabo.



24 Amadol' am' adiniwe
Ngenxa yokuzula
Lenyama yam' idiniwe
Iswel' amafutha.

25 Ngibe lihlazo ngakibo
Nxa bengikhangela,
Bangikhangela-ke baze
Banikin' ikhanda.

26 Nginceda Nkulunkul' Nkosi
Yam' ungisindise
Ngaso sona isihawu
Esingesakho bo.

27 Ukuze babone bazi
Ukuthi isandla
Lesi ngesakho, o Nkosi
Ukwenzile lokhu.

28 Kabathuke kodwa wena
Busisa; bavuke
Bayangiswe kodw' eyakho
Incek' ithokoze.

29 'Zitha zami kazigqoke
Zona izinhloni
Kabazembathis' ihlazo
Njengayo ingubo.

30 Ngizadumisa iNkosi
Mpela ngomlomo wam',
Yebo ngizayidumisa
Phakathi kwabantu.

31 Izakuma kwesokudla
Somyanga ukuze
Imsize kwabalahlayo
Umphefum'lo wakhe.

## Isihlabelelo 110 L.M.

*Isihlabelelo sikaDavida.*

1 Yath' iNkosi kuNkosi yam':
Hlal' esandleni sokudla,
Ngize ngenz' izitha zakho
'Senabo senyawo zakho.

2 UNkulunkul' uzathuma
Intonga yawakh' amandla
EZiyoni, busa wena
Phakathi kwezitha zakho.

3 Abantu bakho bovuma
Bezinikela ngosuku
Lwawo awakho amandla
Ngobuhle bab' ubungcwele

Kuwo umdabuko wakho
Ukusa kuza kulowo
Amazolo ekuseni
Angawab' ubutsha bakho.

4 'Nkos' ifung' ayiphenduki
Wena unguye umpristi
Ongapheliyo ngohlobo
Lwakhe uMelkizedeki.

5 INkos' esandleni sakho
Sokunene yochoboza
Amakhosi ngal' usuku
Lwalo ulaka olwayo.

6 Izakwahlula phakathi
Kwezizw' ezingayaziyo
Igcwalise ngezidumbu
Ezabo abafileyo.

Izakulimaza wona
Amakhanda azo zona
Izinhloko ezamazwe
Amanengi emhlabeni.

10 Akuth' abantwana bakhe
Bazule lelizwe,
Bacel' ukudla bedinga
Khona enkangala.

11 Akuthi umbolekisi
Amthathele konke
Lezihambi zimemuke
Konk' akwenzileyo.

12 Kakungabi lesihawu
Esisiwa kuye
Kungabi khona uthando
Kubantwana bakhe.

13 Kayiqunyw' inzalo yakhe
Kusizukulwana
Esizayo kalicitshwe
Elabo ibizo.

14 Kakukhunjulwe ububi
Boyise kwiNkosi
Njalo singasuswa sona
'Sono sikanina.

15 Kakube phambi kweNkosi
Kokuphela kume,
Iqume ukukhunjulwa
Kwabo emhlabeni.

16 Ngoba kakhumbulanga-ke
Ukuba les'hawu
Kodwa wazingela bona
Abangabayanga

Lay' indodan' esweleyo.
Ukubabulala
Bon' abadabukileyo
Ezinhliziyweni.

17 Yena othand' ukuthuka
Kakuze kuyena,
Ongathab' kusibusiso
Sibe kude laye.

18 Njengoba wazigqokisa
Ngakho ukuthuka
Wakwenza kwaba yingubo
Yon' eyokwembatha.

Kakubuye ngakuyena
Ngaphakathi kwakhe
Samanzi, njengamafutha
'Mathanjeni akhe.

19 Akube yingubo yakhe
Ayembathileyo,
Lozwezwe azibophile
Ngalo njalo njalo.

20 Lokhu kakube ngumvuzo
WeNkos' kuzitha zam',
Abakhuluma okubi
Ngomphefum'lo wami.

21 Nkulunkulu Nkos' ngenzela
Ngal' ibizo lakho,
Isihawu sakho sihle,
Ngikhulule mina.

22 Ngoba ngingumyanga njalo
Min' angilalutho,
Phakathi kwam' inhliziyo
Ilimele futhi.

23 Ngedlule njengesithunzi
Nxa sesifinyela
Ngiyazulazula njalo
Njengayo intethe.



20 Yathumela izwi layo
Yasibasilisa,
Njalo yasibakhulula
Ekubhujisweni.

21 Abantu kabadumise
INkos' ngokulunga
Kwayo lezimangaliso
'Bantwanen' babantu!

22 Kabanikel' im'nikelo
Yon' eyokubonga,
Batshumayel' im'sebenzi
Yayo ngenjabulo.

23 Bon' abehlela olwandle
Bahamba ngem'khumbi
Besenza imisebenzi
Kwamaneng' amanzi.

24 Babona imisebenzi
EyeNkosi lazo
Izimangaliso zayo
Khona enzikini.

25 Ngokuba utsho kuvuke
Sona isiphepho
Siwaqubule wona-ke
Amagagas' alo.

26 Benyukela ezulwini
Babuyele phansi
'Mphefum'lo uncibilike
Ngenxa yenkathazo.

27 Badengezela bezula
Njengas' isidakwa
Ukuhlakanipha kwabo
Sekubaphelele.

28 Basebekhal' eNkosini
Besenhluphekweni,
Yase ibakhupha yona
Ezinhluphekweni.

29 Wenz' isiphepho sichume
Ukuze kuthi-ke
Won' amagagasi aso
Aze aphele du.

30 Ngakho-ke kabajabule
Ngoba sebethule
Wabaletha ethekwini
'Lesifiso sabo.

31 Abantu kabadumise
INkos' ngokulunga
Kwayo lezimangaliso
'Bantwanen' babantu!

32 Akuth' bayiphakamise
Kubandla labantu,
Bayidumis' kumhlangano
Wabo abadala.

33 Iyayenza imifula
Ibe yinkangala,
Lemithombo ibe njenge-
lizw' elomileyo.

34 Izwe elivundileyo
Libe ligwadule
Ngobubi babantu balo
Abahlala khona.

35 Iyayenza yon' inhlane
Ibe yiziziba
Lomhlaba owomileyo
Im'thombo yamanzi.

36 Khonapho-ke ihlalisa
Abalambileyo
Ukuze bawulungise
Um'zi wokuhlala.

37 Bahlanyela amasimu
Njalo lezivini
Okuthelay' izithelo
Zona ezinengi.

38 Iyababusisa yona
Ukuze bande-ke,
Kayivum' inkomo zabo
Ukuthi zinciphe.

39 Babuye banciphe bona
Njalo bathotshiswe
Ngokubandezelwa kwabo
Lohlupho losizi.

40 Ithela ihlazo phezu
Kwaw' amakhosana,
Iwenz' azule enhlane
Okungelandlela.

41 Iphakamis' osweleyo
Kulo lon' uhlupho
Iyenza zona insapho
Zibe njengomhlambi.

42 'Balungileyo bobona
Njalo bathokoze
Okubi konke kovala
Won' umlomo wakho.

43 Low' ohlakaniphileyo
Loqaphelis' lokhu
Bazaqedisis' uthando
Lwayo yon' iNkosi.

## Isihlabelelo 108

*Ingoma, isihlabelelo sikaDavida.*

1 Nkulunkulu 'nhliziyo yam'
Imi iqinile,
Ngizahlabel' izibongo
Langodumo lwami.

2 Vukanini livuke bo
Lin' hubo lechacho,
Mina ngokwami ngovuka
Ekusen' kakhulu.

3 Ngizakubonga iNkosi
Phakathi kwabantu,
Ngizahlabelela kuwe
Phakathi kwezizwe.

4 Ngoba isihawu sakho
Sikhulu siphezu
Kwezulu, leqinis' lakho
Lifik' emafini.

5 Phakama o wena Nkosi
Phezu kwamazulu,
Lalo olwakho udumo
Phezu kwezwe lonke.

6 Ukuze abathandwayo
Bakho bakhululwe,
Sindisa ngesandla sakho
Sokunene, ngizwa.

7 Ikhulumile iNkosi
Isebungcweleni
Ngokuthaba ngizalaba
Lona iShekemu.

8 Ngolinganis' isigodi
EsaseSukothi
IGiladi ingeyami
Laye uManase.



UEfremu ungamandla
Awekhanda lami
UJuda laye ngakimi
Ungumnikumthetho.

9 IMowabi ingumganu
Wokugezela m'na,
Ngolahl' inyathela lami
Phezu kweEdoma.

10 Ngizanqob' iFilistiya.
Nguban' ozangisa
Kumuzi oqinileyo?
Ngisiw' eEdoma?

11 Kungebe nguwe Nkosi na
Obusilahlile?
Obengasahambi lawo
Amabutho ethu?

12 Siphe-ke wena uncedo
Ekuhluphekeni,
Ngoba olomuntu lona
Uncedo luyize.

13 NgoNkulunkulu sonqoba
Ngoba kunguyena
Ozazigxobela phansi
Ezethu izitha.

## Isihlabelelo 109

*Kumqondisi wokuhlabelela. Isihlabelelo sikaDavida.*

1 Ungaze wagcina wena
Ukuthula kwakho,
Wena Nkulunkulu wakho
Ukubonga kwami.

2 Ngoba umlomo wababi
Futhi-ke umlomo
Wabo abakhohlisayo
'Vulekile kimi.

Bona-ke bakhulumile
Bemelene lami
Ngalo ulimi olwabo
Lona olwamanga.

3 Bangigombolozele bo
Ngamazwi enzondo
Besilwa lami ngaphandle
Kwaso isizatho.

4 Ngothando lwami bayizo
Zon' izitha zami
Mina ngizinikele bo
Kuwo umthandazo.

5 Njalo bangiphe umvuzo
Wobubi ngobuhle,
Bangipha layo inzondo
Ngal' uthando lwami.

6 Ubeke indoda embi
Khona phezu kwakhe
LoSathane amhlalele
Ngakwesokunene.

7 Uzakuthi laph' egwetshwa
Umyekel' alahlwe
Ukuthi won' umthandazo
Wakh' ube yisono.

8 Insuku zakhe kazibe
Mfitshane zinciphe,
Akuth' omunye athathe
Isikhundla sakhe.

9 Akuth' abantwana bakhe
Baswele uyise
Laye umkakhe kabe-ke
Nguy' umfelwakazi.

2 Bheka njengoba amehlo
Az' inceku zakho
Akhangela kus' isandla
Samakhosi azo,

Njengamehl' encekukazi
Enkosikazini,
Anjalo amehlo ethu
Alindel' iNkosi,

Yen' uNkulunkulu wethu,
Simlindele njalo
Aze abe lesihawu
Khona phezu kwethu.

3 Woba lesihawu kithi,
Nkosi hawukela,
Ngoba thina sesigcwele
Khon' ukudelelwa.

4 Mphefum'lo weth' usugcwele
Khona ukuhleka,
Kwabo abonwabileyo
Labaziqhenyayo.

## Isihlabelelo 124

*Ingoma yokwenyuka, ekaDavida.*

1 Aluba yona iNkosi
Ibingasimeli,
UIsrayeli angatsho
Angakutsho lokho,

2 Aluba yona iNkosi
Ibingasimeli
Lapho bona-ke abantu
Babesisukela

3 Babelakh' ukusiginya
Thina-ke sisizwa
Lapho olwabo ulaka
Lwalusivuthela.

4 Ngasagutshuzelw' ngamanzi
Umfula ngaweqa
Phezu kwawo umphefum'lo
Wona low' owethu.

5 'Magagas' aphakemeyo
Ayezakudlula
Ngaphezulu kwawo wona
Umphefum'lo wethu.

6 Kayibongwe yon' iNkosi
Ngoba ingazange
'Sinikel' emazinyweni
Awabo sidliwe.

7 Umphefum'l' uphunyukile
Njengenyoni kiwo
Umjibila owomthiyi
Uqam'ke saphepha.

8 Olwethu lona usizo
Lukulo ibizo
LeNkosi yona eyenza
Izulu lomhlaba.

## Isihlabelelo 125 L.M.

*Ingoma yokwenyuka.*

1 Abathemba yon' iNkosi
Banjengentab' iZiyoni
Engeke inyikinyeke
Emi ngokungapheliyo.

2 Njengentaba ezihanqe
IJerusalema layo
INkosi kubantu bayo
Ibavikela phakade.

3 Ngoba intonga yababi
Kayiyikuhlala phezu
Kwaso sona isabelo
Sabo abalungileyo.



18 Ngizagcwalis' izifungo
Zami eNkosini
Phambi kwabantu beNkosi,
Bonke behlangene.

19 Phakathi kwamagum' endlu
ENkosi phakathi
Kwakho, o Jerusalema.
Libonge iNkosi.

## Isihlabelelo 117

1 Dumisani uJehova
Lina zizwe lonke
Mdumiseni lina lonke
Yebo lin' abantu.

2 Ngoba isihawu sakhe
Esilomusa-ke
Sikhulu kakhulukazi
Khona ngakithina

Leqiniso lay' iNkosi
Limi njalo njalo.
Kaliyidumise lina
Yona-ke iNkosi.

## Isihlabelelo 118

1 O! bonganini iNkosi
Ngoba ilungile
Ngoba isihawu sayo
Sihlezi phakade.

2 Katsho yen' uIsrayeli
Khathesi ukuthi
Isihawu sayo sona
Simi njalo njalo.

3 Kayitsho-ke yona indlu
KaAron' khathesi
Ukuth' isihawu sayo
Simi njalo njalo.

4 Abatsho bona khathesi
Abesab' iNkosi
Ukuth' isihawu sayo
Simi njalo njalo.

5 Ngasengibiza iNkosi
Ngisenkathazweni
Yaphendula yangibeka
Endawen' ebanzi.

6 INkosi iyangimela
Kangiyikwesaba.
Kuyini yena umuntu
Angakwenza kimi?

7 INkosi iyangimela
Labangisizayo,
Ngobon' isifiso sami
Kwabangizondayo.

8 Kungcono ukuthembela
Khona eNkosini
Kulokuba lal' ithemba
Kuyena umuntu.

9 Kungcono ukuthembela
Khona eNkosini
Kulokubeka ithemba
Kuw' amakhosana.

10 Zona-ke izizwe zonke
Sezingihanqile
Kodwa ngebizo leNkosi
Ngizakuzichitha.

11 Zingihanqile-ke mina
Yebo zangihanqa
Kodwa ngebizo leNkosi
Ngizakuzichitha.

12 Zangihanqa njengenyosi
Zacitsh' okomlilo
Wameva, ngoba ngebizo
LeNkos' ngozichitha.

13 Usungitshayile mina
Kakhulu ngamandla
Ukuze ngiwe kodwa-ke
INkos' yangisiza.

14 INkosi ingamandl' ami,
Njalo lay' ingoma
Yaphinda yaba yilona
Usindiso lwami.

15 Ilizwi lothokozayo
Lalo usindiso
Lizwakala ezindlini
Zabalungileyo.

Esokunene isandla
Sayo yon' iNkosi
Siyasebenza-ke sona
Ngabo ubuqhawe.

16 Isandla esokunene
Esayo iNkosi
Siphakanyisiwe njalo
Senza ngobuqhawe.

17 Kangiyikufa mina bo
Kodwa ngizaphila
Ngitshumayele izenzo
Ezayo iNkosi.

18 INkosi ingitshayile
Kabuhlungu kodwa
Ayinginikelanga bo
Khona ekufeni.

19 Ngivulele amasango
Awakh' ukulunga
Ngizakungena kuwo bo
Ngidumis' iNkosi.

20 Isango leli leNkosi
Ngalo bona labo
Abalungileyo bona
Bazangena ngalo.

21 Ngizakubonga ngobana
Ungizwile mina,
Njalo usube yilona
Usindiso lwami.

22 Ilitshe elaliwayo
Yibona abakhi
Selibekwe laba yiyo
Inhloko yegumbi.

23 Lokhu kuyikwenza kwayo
Yona iNkosi nje,
Kuyiso son' isimanga
Emehlweni ethu.

24 Lolu yilona usuku
INkos' ilwenzile
Kasithokoze-ke njalo
Sithabe kulona.

25 O sindisa-ke Jehova
Ngikuncenga Nkosi
Ngiyakuncenga khathesi
Leth' impumelelo.



4 Khangela yen' ogcinayo
Yen' uIsrayeli
Kalakho ukuwozela
Ngitsho lokulala.

5 INkosi ngumgcini wakho
Law' umthunzi wakho
Ngakuso sona esakho
'Sandla sokunene

6 Alisoze likutshaye
Ilanga emini,
Ayisoze ikutshaye
Lenyang' ebusuku.

7 Izakuvikel' iNkosi
Kibo bonk' ububi
Lawo umphefum'lo wakho
Izakuwugcina.

8 INkosi izakulonda
Ukuphuma kwakho
Lokungena kwakho manje
Kub' ephakadeni.

## Isihlabelelo 122

*Ingoma yokwenyuka, ekaDavida.*

1 Ngathokoza nxa besithi
Kimi: Kasihambe
Siye kuyo yona indlu
EngekaJehova.

2 Inyawo zethu zokuma
Ngaphakathi kwawo
Wona amasango akho
Wena Jerusalem'.

3 Yakhiw' iJerusalema
Njengawo umuzi,
Njengawo wona umuzi
Olokuhlangana.

4 Laph' izizwe zenyukela
Khonale phezulu,
Izizwe ezay' iNkosi
Ziqonda phezulu

Kuso isifakazelo
SikaIsrayeli
Ukuze zona zibonge
Ibizo leNkosi.

5 Kubekiwe izihlalo
Ezokwahlulela
Izihlalo zobukhosi
Zendlu kaDavida.

6 Khulekelan' ukuthula
KweJerusalema,
Bazaphumelela bona
Abakuthandayo.

7 Ngaphakathi kwemiduli
Kube lokuthula
Lempumelelo ngakizo
Izigodlo zakho.

8 Ngenxa yabo abangane
Lab' abazalwane
Sengiyakutsho ukuthi:
Ukuthula kuwe.

9 Ngenxa yendlu yay' iNkosi
Yen' uMlimu wethu,
Ngizakukudingela bo
Ukulunga kwakho.

## Isihlabelelo 123

*Ingoma yokwenyuka.*

1 Ngiphakamisa amehlo
Ami ngakuwena,
Wen' ohlala phezulu le
Khona ezulwini.

171 Indebe zomlomo wami
Zizakukubonga
Nxa usungifundisile
Imithetho yakho.

172 Luzakhuluma ulimi
Lwami ngezwi lakho
Ngoba yonk' im'layo yakho
Iyikh' ukulunga.

173 Akuthi isandla sakho
Singincede mina
Ngoba ngikhethile yona
Imithetho yakho.

174 Ngiyalufisa olwakho
Lona usindiso,
Nkosi, umthetho owakho
Yinjabulo yami.

175 Kawuphile umphefum'lo
Wam', uzakubonga,
Akuth' izigwebo zakho
Zingincedise bo.

176 Ngilahlekile njengemvu;
Ding' inceku yakho
Ngoba kangikhohlwa mina
Imilayo yakho.

## Isihlabelelo 120

*Ingoma yokwenyuka.*

1 Ekuhluphekeni kwami
Ngakhalela khona
Ngakuyo iNkosi njalo
Wangizwa mina-ke.

2 Nkosi khulul' umphefum'lo
